

UKUCABANGELA



. . . kholwa kuphela.

² Asibe silokhu simile umzuzwana nje senzele umkhuleko. Kukhona noma yiziphi izicelo, phakamisa isandla sakho futhi enhliziyweni yakho uthi, “Nkulunkulu, Uyakwazi okusenhliziyweni yami.” Asikhothamise amakhanda ethu manje.

³ Baba wethu waseZulwini, siyaKubonga, kulokhu ukusa, ngenxa yothando lweqiniso lukaNkulunkulu olusatshaliswe ezinhliziyweni zethu ngoMoya oNgcwele olusincibilitisa sibe munye, simunye kuKristu, futhi ngalesisikhathi senhlanganyelo eZwini, siyasondela manje, futhi kulokhu ukusa.

⁴ Sifuna ukukubonga ngalokho okushiwo kithi kuleliviki eledlule, ngokuhlangana nabangane bethu abayigugu abathandekayo, abantwana baKho, nangokuziwela lowomoya omuhle wothando nobuqotho ezinhliziyweni zabo, futhi sibonga kakhulu, Nkosi, ngempela umBhalo uqinisile, “lapho sibuthene ndawonye ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu.”

⁵ Busisa ingxene eqhubekayo yenkonzo. Busisa abafowethu, abelusi bethu, uMfowethu Parker Thomas, inceku yaKho, uMoya oNgcwele uhamba phezu kwakhe futhi umsiza, Nkosi, ufunu ukuKukhonza ngenhlizyo yakhe yonke. Ngikhulekela ukuthi izifiso zakhe zizogcwaliseka, nesifiso ngemuva kwaso sonke isandla esiphakanyiswe lapha kulokhu ukusa.

⁶ Busisa zonke izinceku zaKho ezweni lonke ngalolusuku Iwesabatha, sengathi Ungabagcoba abefundisi baKho yonke indawo abami epulpiti. Kwangathi abagulayo bangaphulukiswa, abalahlekile basindiswe, nalabo abalungiselelewe, bemukele uMoya oNgcwele. Sengathi uNkulunkulu angahlonishwa namuhla ngoba Uluvumele lube usuku. NgeGama likaJesu. Amen.

⁷ Ningahlala phansi. Ngicabanga ngaleloculo elidala elimnandi:

Kumnandi ukuthembela kuJesu,
UkuMthatha nje eZwini laKhe;
Ukuzama nje ukuncika esithembisweni saKhe,
Ukwazi nje, “ISHO KANJE INKOSI.”

⁸ Lokhu ngukuthi...Bengitshela umelusi wenu oyigugu lapha, uMfowethu Parker Thomas, engikholwa ukuthi lona kube ngomunye wemihlangano ethinta umoya kakhulu engike ngaba kuyona angazi ukuthi nini. Nge—ngehla, ngithi, “Manje, ngiyehla futhi kulobibusuku ngizosho amazwi ambalwa, bese-

ke ngizobizela abantu emsamo futhi ngibakhulekele, futhi—futhi angifuni ukusho okuningi kakhulu,” niyabo.

⁹ Ngathi, “Manje, uMfowethu Parker ungumfundisi, futhi ingxenye yami yini enhle ezoyenza ezansi lapho na?” Futhi—futhi uvele unqunywe, uyabo, uyazi ukuthi ngiqonde ukuthini, Mfowethu. Kuvele nje—nje kulokhu kuhamba, uMoya oNgewe, *kanjalo*, bese kuthi—ke, into yokuqala uyazi, bheka phansi bese uthi, “A, cishe sekuyoshaya ihora leshiyagalolunye nqo, ngiqinisekile,” sekucishe kube ishumi nanye. Ngakho, wena nje... Awu, thina nje—nje sithanda ukuhlanganyela eZwini, futhi ngijabule kakhulu.

¹⁰ Futhi ngi—ngiyazi nibe nesikhathi esimnandi esikoleni, noma, i—ingqungquthela enhla etabernakele. Niyazi ukuthini, bantu? Ukube bengahlala ngalapha, bengiyo—bengiyoba yilunga laleyondawo enhla lapho, bengiyoba, impela bengiyoba yilo. Bengiyo—bengiyobe ngiqinisile... Ngiyilunga layo; ngiqonde ukuthi, bengi—ngiyobe ngiya kulo, ngangiyilunga lalo, ngoba ngabhaphathizelwa kulo. Kunjalo. Ngabhaphathizelwa kuleyo—leyo nhlanganyelo enkulu.

¹¹ Niyazi, ngivela e—ebandleni leBaptisti, namaBaptisti akholwa ukuthi lapho u... ubhaphathizwa ngoMoya oNgewe lapho ukholwa. Futhi bakholwa nawukuthi lapho uke waba sebandleni lamaKristu, noma—noma yiliphi elinye ibandla, ukubhaphathiza ngendlela efanayo yombaphathizo abayisebenzisayo, umkhosi ofanayo, nokho, lapho usungumBaptisti, ufanele uphinde ubhaphathizwe futhi. Ngamanye amazwi, ubhaphathiziwe, ngamanzi, enhlanganyelweni yamaBaptisti. Awu, ngiyajabula ukuthi sibhaphathizwa ngaMoya munye enhlanganyelweni yeNkosi uJesu, niyabo, lowo ngumbaphathizo ohlala njalo.

¹² Ngingena, bekukhona umfowethu obemi phandle lapho, wayenekhamera yebhayisikobho, futhi wayeyigwedla, sahleha sangena. Bengicabanga ukuthi ubucula elithi *Kholwa Kuphela*, ngase ngiqala ngenyuka izitebhisi, futhi ngabona lomfowethu oyigugu, Okuthile kuvele kwathi, “Phuma uye lapho ekhona.”

¹³ Wayethatha ibhayisikobho. Futhi wayenginika ubufakazi, washo ukuthi eminyakeni eyishumi edlule umkakhe, enomdlavuza enhla ePennsylvania, komunye wemihlangano yethu, omunye weyethu wokuqala, waphulukiswa kumdlavuza. Futhi nangu ezansi le lapha namuhla, uMfowethu Roe, ngikholwa ukuthi uthe igama lakhe belinguye.

Nomfo omncanyanyana emi lapho, izinwele zakhe zikanywe zonke, umfo omncane omuhle, futhi ngathi, “Ingabe uyihlo lo, noma umkhulu wakho lona?”

Wathi, “Qha, Mnumzane.”

Ngathi, “Ingabe uhlala ngalapha na?”

¹⁴ Wathi, “Ngivela eCharlotte.” Khona nje...?...Ngiyazi ukuthi ungowaseningizimu. Inkulumo yakhe yamkhaphela. Wayengumfana omncane omuhle, ugalakajane nje omncane nje ongaphakama *kangako*, niyazi, bahle, ngiyabathanda labo bafo abancane.

¹⁵ Phakathi lapha kulokhu ukusa kunomfowethu omncane waseSweden. Ngesinye isikhathi mina, ngingamazi, ngammela ngakho konke okwakukimi. Futhi ngangisanda kubuya eSweden, noMfowethu Joseph wayenoku, ukudonsa kanzima eChicago, futhi babenokuningi ngokumelene naye, noma, bakubiza ngokumelene naye ngoba nje wayefuna ukuba umfowethu, futhi ahlanganyele nanoma ubani owelula isandla sakhe futhi wathi, “Ngixhawule,” uJoseph wayeselungele ukukubamba, kimi, lowo ngumKristu. Kunjalo.

¹⁶ Kodwa kwakukhona iqembu labefundisi elathi, “Uzihlanganise nabantu *abathile*, ubenabo ebandleni lakhe,” Izimvula zoSuku Lakamuva, nokunye nokunye. Futhi sasinomhlangano owawubhukelwe eChicago, ngathi, “Kodwa akufanele yini sibe inhlanganisela yamahlelo ahlukahlukene na?”

Wathi, “Ya, kodwa bazokwenza,” wathi lomfo, “bayongikhipha ebandleni lami uma ngimvumela ukuba angene.”

¹⁷ Ngathi, “Khona-ke ngeke nje sihambe, uma engakwazi ukungena.” Ngakho yena...Ngeqa eChicago ngenxa yalesosizathu. Futhi besingabangane abakhulu impilo yethu yonke. Manje, ukuba sihlale phansi futhi sizame ukuxoxa ngemiBhalo, singagejana omunye nomunye uhhafu wemayela noma ngaphezulu, lapho kuziwa kokomBhalo, kodwa lapho kuziwa othandweni lobuzalwane, simunye. Ngiyazi uyamthanda uNkulunkulu, ukholwa into efanayo ngami, futhi sibe nenhlanganyelo nxazonke.

¹⁸ Manje, uya emasimini ezimishini e-Afrika ukuze ahlinzeke...alungiselele imihlangano lapho kukhona izikole zakhe ezinkulu. Umfanyana wayenakho, engaxhaswanga nje, und...engagunyazwanga muntu, kodwa umbono enhliziyweni yakhe ukuya e-Afrika, futhi lapho unezinkulungwane. Wayesebandleni lethu eJeffersonville, wakhombisa ifilimu yakhe yesikole sakhe, ngifuna ukuza ngimsize.

¹⁹ Futhi namhlanje ekuseni, bengidla ukudla kwasekuseni ezansi lapha kwaHoward Johnson, futhi ngibona abanye babangane bami bedlula, futhi abangenile, kodwa uJoseph, uhlale phansi, futhi waba nesidlo sasekuseni kanye nathi. Siye ekhaya, futhi sihlala eduze komunye nomunye ngqo.

²⁰ Ngiye ngadwengulwa izinsuku ezimbawha ngenxa yombono, Beningakawusho khona ngqo kubantu, futhi mina, ngithe ukuphazamiseka. Ngiyazibuza, “Kungaba yini lokho na?

Kungaba kanjani na?" Ngathatha umkami, futhi saya eceleni, futhi ngaphinde ngazilolonga, "Lapho ezansi emgwaqeni, ingabe mina...? Ingabe ngigeje indawo na? Kwenzekeni na?"

²¹ Futhi Into ethize yathi, ngenkathi thina...wayemile nje ekamelwени lami, umzuzwana nje ngaphambi kokuba ngibe nomkhuleko, uza ngapha. Futhi bengizokhuluma kulokhu ukusa, ngifundise nge*Sihlahla somlobokazi*, kodwa iphimbo lami libe libi, futhi ngathi, "Kungcono ngikweqe lokho," ngoba kude. Ngase ngithi...Awu, ngi—ngahamba...Okuthile kwathi, "Khiphela uJoseph egcekeni." Futhi ngivele ngamgaxa ngengalo, ngaphumela egcekeni.

²² Sehla sadlula kulezi zihlahla ezinkulu, zomthunzi, izihlahla zeshoba, kubonakala sengathi umoya ovunguza lapho uyacula, "Kukhona iZwe ngaphesheya komfula," Futhi mina, ngimi lapho nomngane wami omncane, sixoxa, futhi into *ethize* engangikhuluma ngayo naye, esiyazi nje yena nami, wayesethi, "Kodwa, Mfowethu Branham, lapho iNkosi yakunika lomBhalo eminyakeni engamashumi amathathu edlule, kodwa wake wakufunda *lokhu*, ngaphansi kwawo na?" Kwenza okuthize kimi, ngezwa uMoya oNgewe wehla nje usizungezile yonke indawo.

²³ Ngathi, "Ngiyabonga, Joseph." Ngamgaxa, ngahamba ngabuyela emnyango, ngangena, ngacosha iBhayibheli lami, futhi kwakukhona khona impela lapho...Ngani, angizange ngifunde, kodwa lawo mavesi ambalwa nje okuqala, angazi. Ngaleli hora nje, yilokho kuphela.

²⁴ Niyazi ukuthi uJesu wacosha imiBhalo ngesinye isikhathi, futhi nje wafunda *okuningi* kwaYo na? Okuningi nje okwakuzogcwaliseka ngaleyonkathi, futhi kwakushiya okunye kwakho, ngoba leyongxene yayingaYe ngalesosikhathi, nengxene elandelayo ingaYe okwesibili manje. Ngingahle ngikhulume ngakho kulobubusuku, iNkosi ithanda.

²⁵ Ngifuna ukuhamba, kulentambama, ngithathe iBhayibheli lami futhi ngiphumele emahlathini ngedwa, ngoba kuvele kwangenxa nganyakaza wonke ngaphakathi manje. Angizange ngicabange ngakho, angizange ngizame ukukufunda. Bili-... cishe, awu, cishe iminyaka engamashumi amathathu, amashumi amathathu nanye edlule, futhi konke Angitshela khona sekugewalisekile, futhi nje ezinyangeni eziyisithupha ezedlule ingxene yokugcina yombono ngalokho kusa yagewaliseka, futhi nakhu la kwakukhona. Ngididekile, ngiyacabanga, yilokho ebengizokubiza ngakho khona-ke, niyabo, bengingazi nje ukuthi ngijike ngaphi, noJoseph wathi, "Kodwa ingabe wake wayifunda yonke ingxene yakho na?" Futhi kwakulapho-ke, engangingakwazi. UNkulunkulu akubusise, Joseph.

²⁶ Yebo, ngi—ngi...Ngukuthi, ngiyabathanda abantu bakankulunkulu, awunjalo na? Into ethize nje eyiqiniso

ngakho. Mhlawumbe kulobubusuku, iNkosi ithanda . . . Ngifuna ukuhamba kulentambama, ngibone ukuthi Uzongitshelani, ukuthi ngenzeni. Ngizizwa ngingcono kakhulu ngakho manje, ngyakwazi lokho. Ngisanda kubamba amavesi amabili noma amathathu, futhi ngacabanga, “O, he! Lokho ngukuthi . . . Kungani ngingakufundanga lokho na? Kungani ngingacabanganga ngakho na?” Niyabo? Kodwa angizange nje ngikuqaphela, manje, ngoba bekungesiso isikhathi.

²⁷ Manje, uJoseph uzosishiya futhi aye e-Afrika ukuze enze amalungiselelo emihlangano. UMfowethu Parker Thomas ube nomoya omuhle kakhulu ukungicela ukuba ngibuye futhi ngonyaka ozayo, ngesikhathi sengqungquthela. Futhi ngethemba ukuthi leyo kuzoba yintando yeNkosi, ngingakwenza lokho, ngihlangane nawo wonke umuntu emuva lapha futhi ngonyaka ozayo. Futhi inhlanguyelo imnandi kakhulu.

²⁸ Futhi manje, sifuna ukuphuma lapha ngaphambi kwemini, futhi, ukuze nidle, futhi niphumule, kanjalonjalo, niphinde nibuye futhi kulokhu kuhlwa. Ingabe ninayo inkonzo yakusihlwa, noma inkonzo yantambama, Mfowethu? [UMfowethu uParker Thomas uthi, “Ngiyacabanga, mhlawumbe, sizoba nenkonzo yombaphathizo kulentambama, Mfowethu Branham.”—Umhl.] Manje, noma ngubani ofuna ukubhaphathizwa embaphathizweni wamaKristu. . . Kuzoba kuphi lokho na? Ebandleni lakho na? [“Qhabo. Kuyoba ngemva kwendlu yami, echibini. Kukhona ichibi emuva lapho.”]

²⁹ O, nakho la ukhona! “Nanka amanzi. Yini esivimbelayo na?” Kulungile. Nonke nina bathenwa yehlani manje futhi ningene emanzini. Futhi uma ungakabi nawo umbaphathizo wamaKristu nokho, ngokucwiliswa, woza endlini kaMfowethu uParker Thomas, isifunda somfundisi kulentambama, futhi kuzoba namanzi enkonzo yombaphathizo.

³⁰ Futhi leso yisikhathi esihle sokukuxazulula kanye unomphela. Kunjalo. “Ngokuba okholwayo *futhi abhaphathizwe uyakusindiswa*.” Ngabe kunjalo na? “Phendukani, yilowo nalowo nibaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwana kwezonon zenu, futhi niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele.” Uma lokho kungelona iqiniso, khona-ke angazi ukuthi yini eyiqiniso.

³¹ UPawulu wathi kulabobantu eZenzweni, isahluko se 19, uPawulu, edabula ugu lwase-Efesu, wafumana abafundi abathile, umshumayeli omkhulu wamaBaptisti enhla lapho wayeshumayela, efakazisa ngeBhayibheli ukuthi uJesu wayenguKristu, wathi, “Yiba . . . ?”

³² UPawulu weza, no-Akwila noPrisila, abenzi bamatende, abangane bakaPawulu, okwathi ngempela, u-Akwila noPrisila babengabelusi bebandla. Yena, u-Akwila wayengumelusi webandla, ibandla lokuqala eRoma. Futhi lapho uKlawudiyu

esewaxoshile wonke amaJuda, wabuyela ePalestine. Ngingathanda ukukhuluma nebandla lamaKatolika ngalokho. Yebo, mnumzane. Ngokuthi, kungani—kungani uPetru ayelapho ngalesosikhathi na? Kulungile. Manje, kodwa wayekade exoshiwe eRoma, futhi wayeletshwe ngapha ezweni lendabuko, ngoba...

³³ Khona-ke u-Akwila noPrisila, kwase kuthi lapho sebebuyele emuva, khona-ke kwakukhona ababhishobhi bamaRoma laphaya abangenisa yonke imfundisoze, futhi yilokho okwaqala ibandla lakho lokuqala eliKatolika, khona lapho.

³⁴ Futhi wabe esesungula ibandla lesibili leKatolika, okwathi lapho uPawulu efika eRoma, wafika ebandleni lesibili. Ngifuna umuntu angikhombise lapho uPawulu ake waya khona ebandleni lokuqala, wayengeke azikholve lezo zimfundisoze. Ungamcabanga uPetru, umJuda, efundise ngokumelene nezithixo, efaka izithixo ebandleni na? Niyamkhumbula uPetru, eqinile kakhulu eZwini, futhi ehlala neZwi na? Angake, eke emukele izimfundisoze na? Ngiyacabanga: Qhabo, qhabo, hhayi—hhayi lokho, lokho kuwubuwula nje. Kodwa nakho kuhamba, futhi yileyo ndlela okuqala ngayo.

³⁵ Manje sithola ukuthi uPawulu, edabula ogwini olungenhla lwase-Efesu, futhi uthola abafundi abathile, babethokoza, bejabule, wathi kubo, “Ngabe namamukela yini uMoya oNgcwele selokhu nakholwayo na?” Kwakungesiwo umngqimizo lokho kumaBaptisti na? Niyabo? UmBaptisti wathi wemukela uMoya oNgcwele lapho ukholwa, futhi yilokho impela owaqalayo wabo wokuqala akucabanga. Yilokho u-Apholo, washo, futhi wayecabanga ukuthi bona kakade, yonke into yayilungle. Wathi...Bamemeza, benesikhathi esimnandi, uPawulu wathi, “Kulungile lokho.”

³⁶ U-Akwila noPrisila base bebatshelile, “Sinomfundisi ohloniphekile omncane, uPawulu. Kodwa lapho ekhuphuka, uzonifundisa iZwi likaNkulunkulu ngokucace kakhudlwana.”

³⁷ Ngakho wadabula ogwini olungenhla, futhi uthola lososayense wezenkolo weBaptisti, indoda enkulu, indoda elungle, futhi wathi ebandleni lakhe, “Namamukela yini uMoya oNgcwele selokhu nakholwayo na?”

Bathi, “Asazi noma ukhona yini uMoya oNgcwele.”

Wathi, “Khona-ke nabaphathizelwa kanjani na?”

Bathi, “O, sibhaphathiziwe.”

“Kanjani? Kukuphi na?”

Wathi, “Embhaphathizweni kaJohane.”

Wathi, “Wabhaphathiza kuphela kukho ukuphenduka,” uMhlatshele wawungakabulawa, niyabo, “kungesikho ukuthethelelwa kwezono.”

³⁸ Kunjalo. IZenzo 2:38 zathi, “Phendukani, nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono.” Niyabo?

³⁹ Kodwa wathi—wathi, “Ngabe namamukela yini uMoya oNgcwele selokhu wakholwayo na?”

Bathi, “Asazi nakuba ukhona uMoya oNgcwele.”

Wathi, “Nabhaphathizwani?” Kufanele kubaluleke.

Futhi wathi, “Asazi kangako ukuthi ukhona yini uMoya oNgcwele.”

Wathi, “Nabhaphathizwa kanjani, noma, kukuphi na?” Elokuqala lithi “kanjani?”

Futhi wathi, “Kuwo umbhaphathizo kaJohane.”

⁴⁰ Wathi, “UJohane ngempela wabphaphathiza kukho ukuphenduka, ethi kubantu, mabakholve kuYe ozayo, okungukuthi, uJesu Kristu.” Futhi ngenkathi sebezwe lokhu, baphinda babbaphathizwa eGameni likaJesu Kristu. UPawulu wabeka izandla zakhe phezu kwabo, base bemukela uMoya oNgcwele, wehlela phezu kwabo; futhi bakhuluma ngezilimi futhi baprofetha. Kunjalo. Kulungile. O, leyo yiMfundiso yePentecostal enhle kimi. Impela yiyo.

Kulungile. Ngakho manje, uma ungakabi nawo umbhaphathizo wamaKristu, yehla kulentambama.

⁴¹ Futhi khona-ke lapha esikhathini esingeside esedlule, ngaphambi nje kokuba siqale, niyazi ukuthi umama wami omdala oyigugu usanda kukhuphuka ngomgwaqo. Futhi ukuba benginesikhathi, bengizonitshela ukuthi kwenzeka kanjani, ukuthi iNkosi yangitshela kanjani, ngeqa uhambo lokuzingela enganginalo, futhi wangithumela kwenye indawo, futhi wangitshela engiyokuthola, futhi ngibuyele emuva, futhi khona impela lapho yonke into yayilele khona, ngokuphelele.

⁴² Ngakusho ebandla ngaphambi kokuba ngihambe, ngathi, “Ngizobulala ibhere eliyimvukumvuku elinomhlwenga ompunga elingamafidi ayisishiyagalolunye. Ngizobulala inyamazane enezimpondo ezimagatsha izimpundo zayo ezilingana nciamashi amayintshi angamashumi amane nambili ukusuka phansi kuya phezulu, futhi izobe ilele phezu endaweni encane obonakala yonke indawo.” Angikaze ngibe sezweni. Ngatshela ibandla. Ingxenyenye yebandla ihlezi lapha, kulokhu ukusa. Ngabe kunjalo, Bandla na? Phakamisa isandla sakho, ovela eTabernakele likaBranham.

⁴³ Ngasho nje lapho eyobe ikhona. Abanye abazalwane bahamba nami ukuze bathole, saya ezweni, ngangingakaze ngilibone ngaphambilini, futhi ngokuphelele nje echashazini, lapho yonke into yayikhona. E—eliyimvukumvuku elinomhlwenga ompunga lilingana nciamashi amafidi

ayisishiyagalolunye ncamashi ukusuka echosheni kuye echosheni, kanye ne... labulawa endaweni efanayo nje Ayisho.

⁴⁴ Inyamazane enezimpondo ezimagatsha, ilele, ibheke ezansi ngqo nentaba kimi. Futhi lowo mholi wathi, "Mfowethu Branham, uma lokho, izimpondo zenyamazane enezimpondo ezimagatsha, zilingana amayintshi angamashumi amane-nambili, ngizoquleka."

⁴⁵ Ngathi, "Ungahle uvele uqathake, ngoba kuzolingana." Lapho esekhiphe *isilinganiso* sakhe, futhi lapho kwakusekhaleni ngqo, hhayi ngaphezu kweshumi nesithupha, amayintshi angamashumi amane nambili ncamashi. Ngathi, "Awukholwa na?"

⁴⁶ Yena, unyaka ngaphambi kwalokho sasibuyelete endaweni, futhi wayengosemusha osanda kuperhenduka, futhi wezwa ngemihlangano. Umkakhe uyikholwa lePentecostal. Ungumholi, uMfowethu Southwick, phezulu... Wathi, "Uma kukhona oke wakubuza lokho, ababhale futhi bangibuze." Wathi, "Ake ngibatshela." Uhlala emuva le, lelo yizwe lelanga laphakathi kwamabili eYukon lapho. Ngakho yena...

⁴⁷ Futhi kade sibuyile, namaNdiya emuva lapho, aye-ayewelete emanzini, futhi a—amanzi ayesinqamulile, futhi sasingenakubuyela emuva. Ngakho savele sahlala ngalapho izinsuku ezimbalwa, sixoxa nje, sibuka impilo yangaphandle enhle kakhulu, futhi sithatha izithombe zezinto ezahlukene.

⁴⁸ Futhi ngakho, wayelokhu, u-Eddie wayelokhu etshela omunye wabefundisi ngemibono, futhi wathi, "O, he! Ukube nje kuphela bengingakwazi, ukuba nje bengingathola umfowethu ezansi lapho!" Futhi wathi, "Umfowethu ubenesifo sokuwa, umfowethu omncane," wathi, "ubenesifo sokuwa kusukela eneminyaka engaba mithathu ubudala, udlikiza kane noma kahlanu ngosuku." Ngakho ngangazi ukuthi waye-wayekhuleka kuNkulunkulu, kodwa angikwazi ukwenza imibono ifike, ivele ifike; lowo ngumusa kaNkulunkulu. A—angikwenzi... Ngakho sasibuyelete lapho. Ngamkhulekela kabili noma kathathu, futhi yena engakwazi. Sajikeleza ngosuku olulandelayo...

⁴⁹ Sasinomhlambi wamahhashi ongaba amashumi amabili nanye, futhi—futhi phansi ohambweni, ngokuvamile, ngalibopha ekhanda, *kanjalo*, kodwa kulezo zintaba awukwazi ukulisebenzisa ngaleyo ndlela ngoba uzolahkelwa yilo lonke uhide lwamahhashi, futhi ngezinye izikhathi awela eweni.

⁵⁰ Futhi endleleni ephumayo, sakbulula amahhashi, lamahhashi asemancane egingqika nemithwalo yawo nezinto. Ngangivame ukugibela kakhulu, futhi ubaba wami wayengumgibeli.

⁵¹ Futhi ngakho-ke sasikhuphuka futhi ngangisemuva nginengxabano, uBud wayephambili, loMfowethu Eddie,

uMfowethu Bud kanye nami, nomunye umKristu obizwa ngokuthi uChris Berg. Futhi ngakho, uBud wayegibele, ngaphambili nehhashi elilengise insimbi ekhalayo lizama ukukuhola, futhi ngangingena ngibuya, u-Eddie kanye nami, sikhisha lamahhashi exhaphozini. Ngi—ngicabanga ukuthi nonke niyazi ukuthi liyini ixhaphozi. Futhi ayengena kulokho, kufana nesihlabathi esibishayo.

⁵² Sasingaba nawathi awabe mabili ezansi, futhi, o, ngangiwudaka kusukela ekhanda kuye onyaweni, futhi—futhi lapho sikhisha lawomahhashi. Futhi elinye lawo lagxumela phakathi, futhi ngangi... Ngagxumela phakathi phezu kwalo, ngaphakamisa ikhanda lalo *kanjalo*, sabopha ngentambo, sayiphonsa ophondweni lвесиhlalo sami sehhashi *kanjalo*, futhi ngathatha ihhashi elilodwa, ngase ngisika ngikhisha omunye umthwalo, futhi ngalikhipha lapho. Futhi vele uthathe udaka, futhi uliphale ulisuse kuwe *kanjalo*.

⁵³ Futhi, o, o, he, lawomahhashi asemancane, awukwazi, avele ahambé noma ngayiphi indlela, aneminyaka emibili noma emithathu ubudala, asanda kufundiswa, futhi awawona nhlobo amahhashi okuhamba emizileni.

⁵⁴ Futhi ngakho, sasiphuma, futhi ngasukuma, futhi ngangigibebe phezu kwesihlalo sehhashi, no—no—no-Eddie wayelapho. Futhi kwenzeka ngabuka ngale kulezo ezinkulu, izihlahla zeshoba ezinhle iqhwa ngale kwesiqongo. Nkulunkulu, ngivumele niglihale lapho phakathi e, uma kukhona iminyaka eyiNkulungwane ezayo, mangihlale lapho.

⁵⁵ Lokho ngukuthi... Ungaba nawo wonke amayadi akho kanokusho, ancweliwe, nezakhiwo zakho ezinkulu, nazo zonke izihlahla zakho zesundu zaseMiami zikhanya, nakho konke okufunayo, kodwa nje mangibe nakho ngendlela uNkulunkulu akuthumele ngayo, nje kokwasekuqaleni kwakho, ngikuthanda kanjalo nje. O, ngingavele ngime esiqongweni salawo magquma, ngihambe ngiyozingela, futhi ngikhuphuke le phezulu esiqongweni samagquma futhi niglihale lapho, futhi ngivele ngiphakamise izandla zami futhi ngikhale. Bheka ngaphesheya lapho, ngiyacabanga, “Nkulunkulu, leyo kufanele kube yindlela okuthanda ngayo, yileyondlela Ofanele, yileyondlela Owakwenza ngayo. Kungani kufanele umuntu akungcolise, akwenze enye into, akuphendukezele na?”

⁵⁶ “Ngelinje ilanga,” Ngacabanga, “Nkosi, mangihambe emizileni yaKho yezinyamazane emikhulu, engapheli neze.” Ngethembu ukuthi ngizohlangana nani nonke bafowethu-abazingelayo ezansi ngidabula lapho, ngempela, lapho engangibuka khona. Ngikubheke ngabomvu lokho. Ngoba niyazi ukuthi lowo ngumkhuleko wamaNdiya ovela e... lapho...

⁵⁷ Ngehlela lapho, ngangibuka phandle ngale kanjalo, ngase ngimbona lowomfo osemncane embonweni. Ihhashi lazimisa,

akuzange kudingkeke ngilimise. Futhi ngawubheka lowombono imizuzu embalwa, futhi ngenkathi usuhamba, ngabona ukuthi wawungowomfowabo kaBud. Nganginensinjanana enesondo elihlabayo eba sesithendeni seguzu lokugibela ihashi eyodwa kuphela, ngafaka izipolo ehashini lami elincane, ngase ngalijikisa, ngagijima ngenyukela ku-Eddie ngokushesha impela. Ngangike ngathola ihashi liphumele ehlashaneni lapho, futhi nga—ngathi, “Eddie. Eddie, Mfowethu.”

Wathi, “Yini inkinga, Mfowethu Branham na? Ubukeka umhlophe njengeshidi.”

Ngathi, “Ngino ISHO KANJE INKOSI.”

“Kuyini na? Kumfowabo kaBud na?”

⁵⁸ Ngathi, “Yebo.” Ngathi, “Gcina amahhashi ehamba.” Futhi ngafaka izipolo ehashi lami, futhi ngawela, futhi ngadabula exphaphozini nezinto, cishe imizuzu eyishumi nanhlanu ngase ngiphezulu, umhlambi wohide, ngagibela eduze kukaBud, ngase ngibeka isandla sami ngemuva kwesihlalo sehhashi sakhe, ngase ngithi, “Bud.”

Wathi, “Yebo, Mfowethu Branham?”

Ngathi, “Ngino ISHO KANJE INKOSI.”

Wathi, “Usho ukuthini?”

⁵⁹ Ngathi, “Ezinsukwini ezimbili noma ezintathu ezedlule, selokhu sibuyile lapha, ukhulumu ngakho njalo njalo, uma ungake ungenise umfowenu komunye wemihlangano.”

⁶⁰ Wathi, “Yebo, Mfowethu Branham.” Futhi yena nje u, yena—yena wayengakawemukeli ngisho uMoya oNgcwele okwangalesosikhathi, usenawo manje, kodwa wayengakawemukeli ngalesosikhathi. Futhi wathi, “Mina... Yebo, kunjalo.”

Futhi ngathi, “Umfowenu...” Wamchaza.

Wathi, “Kunjalo impela, yileyondlela abukeka ngayo.”

⁶¹ Ngathi, “Futhi lokhu ngeke kusebenze komunye umuntu, kodwa kuzosebenza kumfowenu.” Ngamtshela ukuthi enzeni, ngathi, “Wena thumela ulande umfowenu, umkhuphulele lapha.” Kwakusemgwaqweni omkhulu wase-Alaska, wayehlala endaweni endala lapho amaMelika lapho, lapho abanangi babo bafa ngokwakha umgwaqo odlulayo. Futhi uhulumeni wawela phansi wonke. Futhi wayehola, unamamayelaskwele angamakhulu ayisithupha phakathi lapho, ungumholi onelayisensi. Futhi ngakho, wathi... Izwe elidala kakhulu, elihle kakhulu lokuzingela.

⁶² Futhi ngathi, “Bud, bheka, lapho lowo mfana efika, futhi unokudlikiza futhi, hlwitha ihembe lakhe, bese uthi, ‘UMfowethu Branham ungitshela ukuba ngenze lokhu eGameni

leNkosi,’ bese uphonse lelo entulweni.” Ngathi, “Ukudlikiza kuzomshiya. Uyangikholwa na?”

Wathi, “Ngenhliziyo yami yonke.”

⁶³ Wathumela futhi walanda umfowabobo, wamkhuphulela lapho, futhi ngalokho kusa wahamba wayokwenza izindlela. Umkakhe omncane, umKristu omncane onomoya omuhle, kodwa yena owesifazane...Owesilisa waba nodlame, wayeba ngamawala futhi. Ngakho nje, wayengakaphumi endlimi isikhathi esingaphezu kwemizuzu engamashumi amathathu ezansi ndawana thize, wawela kokunye kwalokho kudlikiza. Ngokuvamile, inkosikazi encane yayivula iwindi, noma yini, isuka kuye, kodwa ngenkathi imbona egingqika futhi evevezela, nalowodeveli enza lokho kuye, kwenzeka yakhumbula. Futhi yayingikholwa.

⁶⁴ Nangu eza kuye, futhi wamgxamalazela, lowo wesifazane omncane kuleyo enkulukazi, indoda enamahlombe abanzi, wayigxamalazela, wase edluthula lelohembe kuye, waya ngale kuleyontulo, izinyembezi zakhe zehla ezihlathini zakhe, wathi, “Nkulunkulu othandekayo, uMfowethu Branham usitshele ukuba senze lokhu, futhi ngiphonsa lokhu phakathi lapho, eGameni likaJesu Kristu.” Akakaze abe nokudlikiza kusukela lapho kuqhubeke.

⁶⁵ Lapho ngimtshela ngaleyero mibono, nokuthi kwakuyokwenzekani, sehla entaben, sadubula leyonyamazane enezimpando ezimagatsha esiqongweni sentaba, wathi, “Mfowethu Branham, ngokwalowombono,” sasisezithonjaneni eziyivukusi, niyazi, ukuthi ungabona amamayela namamayela, futhi lutho, izithonjana eziyivukusi eziphuze nje, wathi, “ngokwalokho ongitshelle khona, manje, leyondoda ezobe ingqoke i—ihembe,” U-Eddie ezansi lapho, lelohembe eliyisikoshi, “uzobulala eliyimvukumvuku elinomhlwenga ompunga elingamafidi ayisishiyagalolunye na?”

Ngathi, “Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI.”

⁶⁶ Wathi, “Mfowethu Branham, a—a—angilingabazi izwi lakho, Mfowethu. Ngingalingabaza kanjani izwi lakho na?” Wathi, “Kepha bheka, ngiyabona lonke ichashaza lomhlabathi futhi akukho lutho, asikho isihlahla esiphakeme *kangako*, akukho lutho ngaphandle kwezithonjana eziyivukusi. Likuphi ibhere na?”

Ngathi, “UnguJehova-Jire, ‘INKOSI IZOZIBONELELA.’” Ngathi, “Wake wayizwa indaba ngezingwejeje ngaleso sikhathi na?”

Wathi, “U-Eddie wangitshela ngakho.”

Futhi ngathi, “Awu, UsenguNkulunkulu. Uma Ethi kuzoba khona . . .”

⁶⁷ Wathi, “Awu, Mfowethu Branham, uma uNkulunkulu ekutshelile lokho, futhi lenyamazane enezimpando ezimagatsha

ibilele khona impela...Ngani, angikaze ngiyibone efana nayo,” wathi, “Angiboni ukuthi emhlabeni uke wafika kanjani kukho, lapha, emayadini angamashumi amahlanu akho.” Futhi wathi, “Khona impela okushilo.” Wathi, “Ungitshelile,” wathi, “umfowethu waphulukiliswa khona impela.” Wathi, “Lokho sekungaphezu konyaka odlule, wayebenokudlikiza kathathu noma kane ngosuku, akakaze abe nakho kusukela ngalesosikhathi.” Wathi, “Ngingakungabaza kanjani na?” “Kodwa,” wathi, “Mfowethu Branham, niglihale kulezizintaba impilo yami yonke, futhi angikaze ngilibone elinomhlwenga ompunga empilweni yami.” Wathi, “Ngibone eliyimvukumvuku elivamile, kodwa hhayi elinomhlwenga ompunga.” Lolo uhlobo olungavamile.

⁶⁸ Ngathi, “Kodwa kukhona elilodwa lapha.” Ngakho-ke ngaqukula ikhanda, izimpondo zalokhu, futhi sathatha, Ngangiphethe isibhamu esikhulu, futhi sasishintshana nge, sehla, kufanele sehle ngalendlela egqumeni, lezo zithonjana eziyivukusi. He, cishe kwakungamamayela amathathu nengxenye ezansi ngqo ngaphambi ngisho kokuthi ufiike emithini yokwenza amapulangwe. Futhi ngakho, niyabo, lelo akulona ngisho izwe lamabhere, leyo yinyamazane enezimpondo ezimagatsha.

⁶⁹ Ngakho sehla unyawo ngonyawo. Sashintsha...Leyo ndebe engangiyiphetha yayisinda...Awu, inyamazane enezimpondo ezimagatsha ngokwayo yayinesindo esingaba amakhulu ayisishiyagalolunye, kodwa kwadingeka siyishiye lapho inyama, futhi ngavele ngathatha intambo enenhloko nezimpondo, izimpondo zodwa zazisinda cishe amaphawondi ayikhulu namashumi amahlanu. Ngakho lapha ngangizama ukukudonsa ngikwehlise ngegquma, *kanje*, phezu kwamahlombe ami.

⁷⁰ Futhi lapho singena cishe...Siza ngale kwenguzunga yeqhwa encane, wayesethi, “Cabanga ngakho, Mfowethu Branham, sicsishe sibe yimayela ukuya lapho...Ngibona ngamehlo ami emvelo lapho lawo mahhashi emi khona, futhi ngibona wonke amaqquma, futhi uzobulala eliyimvukumvuku elinomhlwenga ompunga elingamafidi ayisishiyagalolunye na?”

Ngathi, “Lokho kungokweZwi likaNkulunkulu elangitshela cishe ezinyangeni ezintathu ezedlule, futhi aLikaze lehluleke.” Ngathi, “Uyakungabaza lokho, Bud.”

Wathi, “Ngixolele, Mfowethu Branham. Angingabazi.” Wathi, “Inhlizyo yami *injalo*...A—angikuqondi nje.” Wathi, “Likuphi ibhere na?”

Ngathi, “Angazi.” Ngathi, “UNkulunkulu ulenze lanamatheha lapha ndawo ndawo.”

Wathi, “Cabanga ngakho, ibhere engingakaze ngilibone, nelinye uNkulunkulu akutshela lona...” Wathi, “Lowo nguNkulunkulu ofanayo owakutshela ngomfowethu.”

Ngathi, “Nakanjani.”

Wathi, “Mfowethu Branham, faka igobolondo esibhanyini sakho.”

Ngathi—ngathi, “Ngizoba nesikhathi sokwenza lokho.”

⁷¹ Sehla igquma. Singena cishe—cishe ingxenye yemayela, futhi wayekade epakisha, futhi ngangiphethe isibhamu esikhulu. Ngakho sahlala phansi, siphumule, wathi, “Mfowethu Branham, cabanga nje, siyingxenye yemayela kuphela.”

⁷² Ngathi, “Bud!” Futhi ngathi, “Uzoba khona, ungakhathazeki.” Futhi ngabheka, ngathi, “Bud, yini leyo emi khona *lapho*, cishe amamayela amabili phezulu, esiqongweni sentaba na?”

⁷³ Wajikijela izibuko wazigqoka, wathi, “Mfowethu Branham,” kwakubukeka njengenkomo yobisi, wathi, “ibhere eliyimvukumvuku, ngakho ngisize! Futhi bheka lokho, ayimvukumvuku amhlophe esaphaza kulelolanga elishonayo namhlanje ntambama, lingelinomhwlwenga umpunga. Angikaze ngilibone ngaphambilini.”

Ngathi, “Silindeni na?”

Wathi, “Ngikholwa ukuthi uma nje ungalidubula ulapha, liqhele ngamamayela amabili, uzolithola.”

Ngathi, “Kodwa uBud, ngokombono, ngangisondele impela kulo.”

⁷⁴ Ngikhathel e kakhulu, ngikhandlekile, futhi sase sihambe okungenani amamayela angamashumi amabili ngalolosuku phezu kwalezo zintaba, ngakho-ke, saqala phezulu, sibuyele emuva futhi. Futhi ngafika phakathi kwamayadi angamakhulu amahlanu, futhi uBud wathi, “Mfowethu Branham,” wathi, “wake wadubula elinomhwlwenga ompunga ngaphambilini na?”

Ngathi, “Ngibulale amabhore amaningi, kodwa angikaze ngibe nelinomhwlwenga ompunga.”

Futhi wathi, “Anonya kunawo onke.” Wathi, “Awakwazi ukufa.”

Ngathi, “Alikho ibhere elikwaziyo.”

Ngakho ngathi... Wathi, “Kodwa iNkosi ikunike lelo, Akakunikanga na?”

Ngathi, “O, ya.”

⁷⁵ Ngakho ngagine .270 encane, isibhamu esikhulu esincane. Futhi ngakho, khona-ke, ngaqhubekela phambili enhla kancane nje, futhi wathi, “Mfowethu Branham, awucabangi ukuthi kungcono ulidubule ulapha na? Kungcono singasondeli kakhulu kulo.”

Ngathi, “Umbono wathi sasiphezu kwalo ngqo.”

⁷⁶ Ngakho sedlula omunye umhosha omkhudlwana, futhi senyuka, futhi lapho sesenzile, lapho, he, lona lihlezi nje cishe amayadi angamakhulu amabili namashumi amahlanu lapho, ngangingabona amazinyo alo amakhulu, aphuzi eshaya phansi *kanjalo*. Lalibukeka njengesitaki esikhulu sotshani bemfuyo, amayintshi ayishumi nesishiyagalombili phakathi kwamadlebe. Futhi—futhi laliyisilwane esikhulukazi, unyawo oluthi alube banzi *kangako*, nezinzipho, niyazi, futhi lihlezi lapho nje. O, Lalibukeka lilihle, futhi linonya.

Ngakho uBud wathi, “*Ahem*,” wathi, “Mfowethu Branham, ngiyakutshela ukuthi ulidubule kuphi.”

Ngathi, “Yebo, Mfowethu?”

Wathi, “Ngemuva, uyabona,” wathi, “khona-ke ngeke akwazi ukusukuma khona-ke, uyabo.”

Ngathi, “Kodwa umbono wathi, ‘Lidubule enhliziyweni.’”

Wathi, “Khona-ke kungcono wenze kanjalo.”

⁷⁷ Ukudubula kokuqala kwalithola. Futhi lapho sehla, wathi, “Mfowethu Branham,” sasithwele lezo izimpondo, singenaso isilinganiso, wathi, “lezo zimpondo zibukeka engathi zingamashumi ayisishiyagalolunye.”

⁷⁸ Ngathi, “Qha, zingamashumi amane nambili nje.” Wathi... Futhi ngatshela u-Eddie, ngathi, “Manje, qaphela, umfana omncane uzobeka izandla zakhe khona lapho ukukala.”

⁷⁹ Futhi lapho sifika ezansi lapho imithwalo yayikhona... Asikwazanga ukuletha ibhere, kwadingeka sibuyele emuva ngosuku olulandelayo. Futhi awukwazi ukuthola ibhere... Whewu! Awukwazi ukuba nehashi liseduze kwebhere eliyimvukumvuku, niyakwazi lokho, iphunga lalo, selihambile. Sadabula izintambo ezimbili noma ezintathu sizama ukulikhipha. Futhi ngakho-ke, o, babenezikhwama ezinkulu ezigaxwa ehhashini zilele phezu kwayo yonke into, izikhwama zezihlalo zehhashi, kwakuhlakazekile, lawo mahhashi ayelesabela ukufa eliyimvukumvuku, iphunga lawo.

Ngakho saqhubeka sehla, futhi lapho sima, abafana babelapho belindile, u-Eddie nendodana yakhe, futhi wathi, “Ngifuna ukukala lezo zimpondo.”

⁸⁰ Ngabuyela ku-Eddie, ngathi, “Eddie, bheka umfana ezungezisa izandla zakhe ngaphansi kwezimpondo manje, njengoba ngikutshelile singakafiki lapha.” Ngakho uehla, aphume e...akale okwakhe...isilinganiso sakhe esincane. Umfanyana uyafika, wabeka izandla zakhe kuzo.

⁸¹ U-Eddie wathi, “Makadunyiswe!” Ncamashi nje. Wasukuma *kanjalo*, futhi wavele waphenduka waba mhlophe ebusweni, wathi, “Mfowethu Branham,” wathi, “buka lapha, hhayi ingxenyeyodwa-nesithupha ngaphezu, ncamashi amayintshi

angamashumi amane nambili echashazeni.” UJesu akehluleki neze.

Wathi, “Mfowethu Branham, ngizoba kuphi unyaka kusukela namhlanje na?”

⁸² Ngathi, “Manje, Bud, usemusha nje ophendukele kuKristu, angazi ukuthi uzoba kuphi.” Ngathi, “Ngingasho kuperhela njengoba Engitshela, yilokho engikushoyo, futhi yilokho kuperhela engikwaziyo.” Niyabo? “Angazi.”

⁸³ Manje, ngibuyela ezweni, ukuze nazi, lapho ngibuya ngonyaka ozayo, ngizothola ibhere elicishe liphindwe kabili kulobo bukhulu. Uyabona uma kunjalo noma qhabo. Ngikubonile. Ngenkathi simile, ngabeka izandla zami ezinqeni zalo lilele phansi, *kanjalo*, futhi ngangingabeka isandla sami ezinqluwini zalo *kanjalo*, nalo lilele phansi. Manje, thola ukuthi lokho kunjalo noma qha.

⁸⁴ Kukhona okuningi kulokho. Kodwa ngivele ngacabanga, kufanele ngabe ngifundisa uSonto-sikole. Niyabo? O, bangane, nonke niyayibona lemibono emincane ngalapha na? Akumangalisi ukuthi nina bazalwane abangabefundisi kwesinye isikhathi niba nokusola, “Awu, kungase kube ukufunda ngengqondo. Kungase kube injulamqondo.” Ngibonise kwenye indawo okuqhubeke kuyo. Kuthiwani ngalezizazi zengqondo ezinkulu, abafunda ingqondo na? Bayaqagela, ngezinye izikhathi kuyenzeka, ngezinye izikhathi akukaze kwenzeke, futhi *yilokhu*, *lokho*, noma *okunye*. Kodwa uNkulunkulu uphelele futhi akahluleki neze.

⁸⁵ Yini enye ye...? Yini umbhuli na? Uyinceku kaKristu ehlanekezelwe. Yini noma yini engalungile na? Ngokulungile okuhlanekezelwe. Kunjalo impela. Akukaze...Kumanje nje noma ngalesosikhathi, yileyo indlela, ukuthatha ishansi ebuKristwini. Ungathathi ishansi, qiniseka ukuthi ulungile. Thola...Yifa nje kuwe uqobo futhi uzalwe ngokusha ngoMoya kaNkulunkulu khona-ke uzokwazi. Khona-ke akukho...bonke o *uma*, no *futhi* abasekho kukho.

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda (Udumo!)
 Ngoba Wang'thanda kuqala
 Wang'thengelinsindiso
 Emthini waseKalvari.

⁸⁶ Ngibone othile, indoda eyahamba nami. Angizange nje ngiyinake ilapho, nokho, ngiyazi, uMfowethu Fred Sothmann. Uhlezi *lapho*, futhi waya nami eDawson. Ngabe kunjalo, Mfowethu Fred Sothmann na? Na *nguya*. Ngidwebe isithombe esivikeleni-moya sami khona impela ukuthi kanjani (Ingabe kunjalo na?), ngaphambi kokuthi kwenzeke. O, lokho sekwenzekile...Bangaki owaziyo, ohambayo na? Kwizihambi lapha. Hamba ngomgwaqo, futhi iNkosi izoshu izinto ezechlukene ezizokwenzeka, futhi kuzoba ngaleyondlela impela, konke

kwehle. Impela kunjalo. Niyabo? Nje...[UMfowethu Branham uqala ukuhamisha elithi *Ng'yanthanda*—Umhl.] AniMthandi na? Liculeni nje.

Ngoba Wang'thanda kuqala
Wang'thengealinsindiso
E...

⁸⁷ Akusekho ukuqagela, siseMkhunjini, umhlaba uvalelwe ngaphandle, sikuJesu manje. O, inhlanganyelo!

⁸⁸ Manje, Nkulunkulu, sisize ukuba sibe nenhlanganyelo ngaseZwini laKho. Ngenkathi NgiLifunda, Nkosi, ngiyazi ukuthi amaZwi aKho angeke ehluleke, awami ayehluleka, ngingumuntu nje, sonke siyizidalwa ezingabantu nje. “Umuntu uyini ukuba Umkhumbule na? noma iNdodana yomuntu ukuba Uyivakashele na?”

⁸⁹ Impela, Nkosi, asinalutho esingalunikela, ngoba kwanikwa thina ekuqaleni. Besingeke sibe lapha ukube bekungengenxa yaKho. Futhi ukucabanga ukuthi umusa kaNkulunkulu wehlela phakathi kwethu ngalolu izinsuku zokugcina. Futhi uNkulunkulu, uMdali omkhulu, Uzazisile kithi ngokuthethelela isono sethu, futhi ebonakala phambi kwethu ngezindlela ezimangalisayo, njengoba Ethembisile ukuthi kuyoba njalo ngesikhathi sokuhlwa. IziNkanyiso zakusihlwaziyahanya. Siphe khona, Baba, ukuthi sizohlanganyela eZwini laKho manje. Siyakucela, eGameni likaJesu. Amen.

⁹⁰ Ngiyaxolisa ukunibamba kanjalo. Asifunde manje emBhalweni, omfishane nje. Sizophuma manje, cishe nje imizuzu engamashumi amathathu-nanhlanu, amashumi amane, iNkosi ithanda.

⁹¹ UNumeru 14... Ngisho lokho ngoba ngingase ngenze iphutha. Ngi—ngi... Niyabo, angazi ukuthi Uzokwenzani, omunye angathola okuthize lapha emizuzwini embalwa, uMoya oNgcwele ungahle ungene kulokhu, ngibheke okuthize ukuba kwenzeke, angazi. Ngakho ngi—ngi... uma ngingazi, khona-ke ngizovole ngithi, “Uma Ethanda,” Niyabo? Yebo, mnumzane.

⁹² Ngazini na? UMoya oNgcwele ungahle wenyukele lapha, futhi ushaye omunye walaba bafowethu abahlezi epulpiti, futhi angenza okuthize lapha ukuvele aguqule yonke into. Kungahle kube nokuwa kukaMoya oNgcwele emizuzwini embalwa, nalokhu—lokhu bekungeke kuvalwe amaviki amabili noma amathathu ngaphezulu, imini nobusuku nje, kuhamba njalo njalo, yonke i... Angazi ukuthi Uzokwenzani. Futhi, niyazi, futhi, singase sizwe ukukhala kweCilongo.

⁹³ UNumeri 14:41 kwehle kuye ku 45, ngifunda iZwi leNkosi manje:

*UMose wathi, Neqelani izwi leNkosi na? kodwa
kayiyikuphumelela.*

Ningakhuphuki, ngokuba iNKOSI ayikho phakathi kwenu; ukuze nibe mhlawumbe...shaywe phambi kwezitha zenu.

Ngokuba ama-Amaleki namaKhanani alapho ngaphambi kwenu, niyakuwa ngenkemba: ngokuba niphambukile eNKOSINI, ngalokho iNKOSI ayiyikuba nani.

Kodwa bazindla ukukhuphukela esiqongweni sentaba: nokho umphongolo wesivumelwano seNKOSI, noMose abaphumanga ekamu.

Futhi ama-Amaleki kanye namaKhanani, ayeahlala entaben'i ehla, bawabulala, wabaxosha, kwaze kwaba seHorma.

⁹⁴ Manje, okokuthi nje, ukudonsa isifundo esincane lapha, kulokhu ukusa, ukukhulumha nje. Manje, ngikholwa ukuthi silapha ukuba, kuSonto-sikole ukuba sifundiswe, ukufunda. Futhi uma singabuyela emuva futhi sithole eTestamenteni eLidala, naseTestamenteni eLisha, ukuthi abantu babusiswa kanjani nguNkulunkulu, nokuthi baqalekiswa kanjani nguNkulunkulu, futhi babone ukuthi yini uNkulunkulu ayihloniphayo nayidingayo, khona-ke sizoba nomqondo wokuthi singazigcina kanjani izibusiso zikaNkulunkulu. Anicabangi kanjalo na?

⁹⁵ Manje, angizukushumayela, anginalo iphimbo elanele lalokho, kodwa mina... Futhi khumbulani, ngiye ngathi njalo njalo, besihamba kuze kube nguSepthemba ozayo. Nginezinsuku cishe ezimbili phakathi kwemihlangano kuze kube uSepthemba, iNKosi ithanda.

⁹⁶ Manje, sifuna ukuthola, ake ngikusho futhi manje, sithathethi isikhathi sethu ngalemizuzu embalwa esinayo, manje, sifanele sibuyeles emuva, futhi uma singabona lokho uNkulunkulu akufisayo, lokho Akudingayo, lokho Akuqalekisa, lokho Akubusisa, khona-ke asikuthathethe njengezibonelo.

⁹⁷ Ngiyakholwa kumaHeberu isahluko se 11, qhabo, isahluko se 12, kwathi, "Njengoba sihaqwe ifu elingaka lawofakazi, masilahle zonke izono, noma, konke okusindayo, nesono esisithandela kalula, ukuze sigijime ngokubekezelana emncintiswaneni obekwe phambi kwethu."

⁹⁸ Manje, sifanele sibuyeles emuva. UPawulu lapha, njengoba sikhola ukuthi wayengumlobi wamaHeberu, wayekhombisa emuva ukuthi amadoda okhola namaqhawe amakhulu ayeyini, khona-ke singathatha olunye uhlangothi. Nginencwadi ekhaya esho amazwi okugcina, uMfowethu Nugent, ngakuthola kuye eminyakeni eminingi edlule, amazwi okugcina amadoda nabesifazane abakhulu ababephila emhlabeni. Futhi ngikholwa ukuthi kwakungu Mary oneGazi, eNgilandi, ukuthi amazwi akhe

okugcina, ngenkathi efa wathi, “Ngiyonikela ngombuso wami, imizuzu emihlanu eyengeziwe yokuphila.”

⁹⁹ Nginamazwi okugcina ka-Abraham Lincoln. Nginamazwi okugcina kaStonewall Jackson. Niyazi ukuthi amazwi okugcina kaJackson ayeyini, lowo jenene omkhulu, waseningizimu na? Ngihlanganyela nani bahlubuki ekubongeni uNkulunkulu ngojenene onjengoJackson, akakaze aqathaniswe nanoma yikuphi kunoma yimuphi omunye ujenene, njengoba ngiye nga, ngokwazi kwami. Wayeyindoda enkuIlu kaNkulunkulu, futhi uJackson wathi, ngenkathi efa, wayelungiselela ukuwela umfula, wathi, “Ngokushesha sizowela umfula, futhi khona-ke sizohlala ngaphansi kthesihlala siphumule.” Kunjalo.

¹⁰⁰ Ngezwa amazwi okugcina kaDwight Moody, wasukuma, wathi, “Ingabe lokhu ukufa na?” Wathi, “Lolu wusuku lwami lokugcotshwa.”

Nezimpilo zamadoda amakhulu zonke
ziyasikhumbuza
Singenza izimpilo zethu ziphakame kakhuIlu,
Ngokuhlukana, sishiya ngemuva kwethu
Amanyathelo ezihlabathini zesikhathi;
(Ngiyakuthanda lokho.)

Amanyathelo, ukuthi mhlawumbe omunye,
Ngenkathi sihamba ngomkhumbi phezu
kwesisekelo esibalulekile sempilo,
Umfowethu olahliwe nophukelwe
ngumkhumbi,
Ekuboneni, uyakuthatha inhliziyo futhi.

¹⁰¹ UPaul Rader. Bangaki abake bezwa ngoPaul Rader, nokho? Ngangivame ukumuzwa eshumayela ngisengumfanyana, ngangingazi nakancane ngalesosikhathi ukuthi ngiyothatha iculo lakhe, *Kholwa Kuphela*, emhlabenI jikelele. Ngenkathi uPaul efa phandle lapho, babeneqembu elincane losucila ngabane lehla livela eMoody Bible School. Niyazi ukuthi uPawulu wathini kumngane wami na? Ngenkathi azi ukuthi wayefa, wayenomdlavuza, wathi, “Ukuba bengingathatha umlayezo wami womusa ngase ngiwuhlwanyela kumaPentecostal ashisa bhe, esikhundleni sokuza lapha,” yilokho okwambulala, wathi, “Ngangoba ngcono ngaphandle kwakho.”

¹⁰² Ngakho uMoody...UPaul wayenamancoko. Yena noMfowethu Bosworth, nabo bonke, babengabangane besifuba nje, uBilly Sunday. UMfowethu Bosworth wayenomhlangano enhla lapho kanye naye, ngesinye isikhathi eChicago, iRader Tabernacle, futhi ngakho, uBilly Sunday wayekade elapho amaviki amathathu, futhi wayeshumayele zonke izintshumayelo zakhe. Futhi yena, uPaul wayekade elapho cishe iminyaka

emibili, futhi wayeqhubeka eshumayela. Ngakho uBilly wathi kuPaul, wathi, “Paul, uke uphelelwe nini izintshumayelo na?”

Wathi, “Lapho ngiba nefindo epayipini.”

¹⁰³ Futhi uma noma ubani ake wezwa uPaul eshumayela, uyoqala kuGenesise, asonge eSambulweni, yena—yena wayeshumayela lonke iBhayibheli ngaso sonke isikhathi lapho eshumayela. Ngangivame ukumbukela, athathe i, okuthile engqondweni yakhe, uyobuyela emuva le, indoda enku kakhulu, uyophakamisa ibhulukwe lakhe, niyazi, futhi nakhu eza egijima ngamandla akhe onke, futhi acishe eqe phezulu kwepulpiti, njengebhore elikhulu ekhiphe izandla zakhe.

¹⁰⁴ Kodwa ngenkathi efa phandle lapho, iMoody Bible School yathomela ezansi osicula ngabane, futhi babemi lapho namakhethini onke ehlide esibhedlela, becula elithi, *Ngisondela KuWe Nkulunkulu*. UPaul wasukuma, wathi, “Heyi, ubani ofayo, yimina noma yinina na?” Wathi, “Phakamisani lawo makhethini, futhi ningiculele amanye amnandi eVang-... amaculo eVangeli asheshayo.” Amen. Ngakho baqala ukucula:

Phansi esiphambanweni lapho uMsindisi wami
afela khona,
Ezansi lapho ngakhalela ukuhlanzwa
esonweni;
Lapho enhliziyweni yami iGazi labhecwa
khona;
O, udumo eGameni laKhe!

¹⁰⁵ Wathi, “Ukuphi uLuke na?” Lowo ngumfowabo, abanangi benu nanimazi uLuke, usanda kuhamba maduze. ULuke noPaul babeyizelamani ezazihlala ndawonye, into efana noBilly, indodana yami, nami.

¹⁰⁶ Wathi, “Uphi uLuke?” ULuke wayesegumbini elilandelayo, wayengafuni ukubona umfowabo efa. Wathi, “Tshelani uLuke ukuthi eze ngalapha.” Bangenisa uLuke, uLuke ezama ukukuminyanisa kubuyele emuva. UPaul wasukuma, wabamba isandla sakhe, wathi, “Luke, sesidlule ezimpini eziningi ndawonye, asibanga njalo yini, Mfowethu?”

Wathi, “Yebo, Paul.”

Wathi, “Cabanga ngakho, emizuzwini emihlanu kusukela manje, ngizobe ngimi eBukhoneni bukaJesu Kristu, ngembethe ukulunga kwaKhe.”

Izimpilo zamadoda amakhulu zonke
ziyasikhumbuza
Ukuthi singenza izimpilo zethu ziphakame
kakhulu,
Ngokuhlukana, sishiya ngemuva kwethu
Amanyathelo ezihlabathini zesikhathi.

¹⁰⁷ Mangihambe kanjalo. Mangihambe nalobobufakazi, njengoba uMoody aba nabo. Mangihambe nobufakazi njengoba uPaul aba nabo, “Ngikulwile ukulwa okuhle, ngiliqedile ibanga. Kufa, luphi udosi lwakho na? Thuna, kuphi ukunqoba kwakho na? Kodwa makabongwe uNkulunkulu, Osinika ukunqoba.”

¹⁰⁸ Ngakho-ke, ngisekela emuva eTestamenteni eLidala, ngifinyelele kuleziziphetho ngomlayezo omncane manje: *Ukucabangela*. IWebster, nginakho kubhalwe lapha, iWebster ithi *ukucabangela* uku “linga ngaphandle kwegunya langempela.” Lokho *ukucabangela*. Noma, kubakaki unokuthi, uWebster, “ukuthatha kalula,” ukuthatha nje kalula, noma “ukulinga ngaphandle kwegunya,” noma “uthatha okuthile nje kalula.”

¹⁰⁹ Manje, leyo yinto ethile iBandla elingafanele liyenze. A—awuqinisekile ngawe uma ucabangela nje, ngoba ukuthatha nje kalula. Manje, sinakho, unyaka ngamunye sidlula iholidi. I, ngiyaxolisa ukusho lokhu, kodwa kuyakhombisa nokho, umKristu ovamile waseMelika, *obizwa kanjalo...* UBilly Graham wenza isitatinende esifanayo ngesinye isikhathi, uma ufunda udaba lwakhe mayelana nokuthi zingaki izidakwa ezazikhona kulokho *okubizwa* ngobuKristu. Ovamile *okuthiwa* umKristu webandla elithile, kanyenofana neson, okungukuthi kimi bonke basesikebheni esisodwa, abantu bayaphuza futhi bazame ukuminzisa izono zesikhathi esidlule, ukukhohlisa, ukuqamba amanga, futhi ngempelaviki, bazama ukudakwa. Cabanga nje, “Awu, ngizovele ngikudlulise.”

¹¹⁰ Bacabangela ukuthi leyo yindlela efanele yokukwenza. Banomuzwa wokuthi leyo yindlela yokukhohlwa izono zakho, ukuvele ukuphuze, awuboni ukuthi unqwabelanisa isono esiningi. Kodwa bacabangela ukuthi leyo yindlela yaseMelika yokwenza, futhi lokho kungaba yiqiniso, kodwa akusyo indlela yeBhayibheli yokukwenza. Kodwa bacabangela ukuthi lokho kulungile. Ngasho lokho ku...

¹¹¹ Lapha esikhathini esingeside esedlule ngangikhuluma ngendaba lapho bengikade ngiseCanada noMfowethu olungileyo Sothmann *lapho*, futhi ngehlela e—ehotela elikhulukazi ukuthi waba nomusa kakhulu ukungifaka kulo. NamaMelika ayephezulu lapho eCanada, iklabhu *ethize* yaseMelika, babenengqungquethela yabo lapho.

¹¹² Futhi ngiyanitshela, ngenkathi ngingena ngalobobusuku, awu, kwakukhona u“Miss Melika,” ne...O, kubi kabi! Futhi amabhoddela kagologo kuyo yonke into. Futhi ngakhuphukela ekamelweni, ngehla, ngase ngibuka lowomfo omncane, kwakukhona abantu abathi ababe babili abehla, amadoda ebambene, iklabhu, khona-ke lapho ngi...ikheshi elincane, ngathi, “Bakithi! Whewu!”

Wathi, “O, banesikhathi sangempela.”

Ngathi, “Impela babukeka kanjalo.”

¹¹³ Ngakho-ke sakhuphukela emnyango, futhi ngavula umnyango, futhi savele saphuma ekheshini, futhi saqala sehla, futhi kwakukhona izintombi ezimbili, zombili zigqoke amaringi omshado, abahle, abesifazane abancane, begqoke nje ingubo yabo yangaphansi, bemi ekupheleni kwehholo. Futhi babephethe ibhodlela likagologo esandleni sabo, futhi lapho beqala behla bedabula lapho, bezama ukubambana, amehlo abo emenyezela, egqolozele, nokupenda kwabo ezindebeni zabo kwase kwehlile, naleyonto emnyama. Futhi labo besifazane befaka leyondandatho ngapho...

¹¹⁴ Ubukeka njengenkawu, hhayi isidalwa esingumuntu, kanjalo. Yini indaba na? Niyabo? Futhi zonke lezozinto, nalokho kugunda izinwele okukhulu okuyinkimbinkimbi, niyazi. Umuhle, ungazenzi ubukeke njengesilwane sasemandulo. Niyabo? Uthanda nje indlela uNkulunkulu akwenze ngayo.

¹¹⁵ Futhi lapha bona, lamantombazane, abesifazane, bemi phezulu lapho futhi baqala behla bedabula ehholo, bediyazela, futhi kwaphuma amadoda athile, edakiwe, abamba omunye endaweni yomzimba wakhe obekungafanele akwenze, futhi ezama ukumbamba, futhi yena, ediyazela ezulazula, wayehla, futhi wayesuka ezixukwini ezithi azibe zimbili zazo. Ngavele ngahlehla ngakubuka.

¹¹⁶ Futhi lapho besondela, bemi lapho nengubo encane nje yangaphansi, ngoba lokho kungaphezu kwalokho okugqokwa abanye babo, futhi khona-ke babenaleli bhodlela, omunye wabo uphuzisa omunye, nalo omunye wathatha isiphuzzo esikhulu kulelibhodlela likagologo, wayesenyusa lesisiketi esincane phezulu ngangokunokwenzeka, wakhahlela izinyawo zakhe phezulu ngaleya, futhi wampongozoza wathi “Wupi!” Wathi, “Lokhu ukukuphila! Lokhu ngukuphila.”

¹¹⁷ Ngayibuka yomibili leyo minwe, ngacabanga, “Mhlawumbe umyeni ekhaya egada ingane.” Kuyini na? Ezama ukuzijabulisa kancane, lokho abakubiza “okuhlanzekile, ukuzijabulisa kwaseMelika.” Bebegeza izitsha, besebenza ehhovisi, futhi nje–nje bethi ukuthi, njengoba ngishilo izolo ebusuku, bezama ukudedela isitimu.

Futhi ngathi, “Ngicela uxolo! Lokho akusikho ukuphila, lokho kungukufa.”

Ngakho waqalaza, wathi, “Ufunu isiphuzzo ebhodleleni lami na?”

¹¹⁸ Ngambamba ngesandla, ngathi, “Ngingumshumayeli weVangeli, ngingumMelika futhi, kodwa nginamahloni ngawe!” Futhi omunye waqala ukugijima, ngambamba ngesinye isandla, ngathi, “Ingabe nina besifazane niyaya esontweni na?” Futhi babonakala besangulukile kancane.

Wehlisela phansi ibhodlela, wathi, "Yebo, Mnumzane." Omunye wabo wayenguthisha kaSonto-sikole.

Ngathi, "Awunamahloni ngawe, ukuzibiza ngomKristu na?"

¹¹⁹ Ngazama ukubabamba, babedonsa, futhi bedluthula, begxuma *kanjalo* nje, futhi basho behla ngeeholo. Omunye wawa wabhalakaxela kwiphansi, nomunye wazama ukumphakamisa izinyawo zakhe kuqala, nombono omubi kunawo wonke oke wawubona. Ngacabanga, "Nkulunkulu, Ungababheka kanjani abanjalo na?"

¹²⁰ Kodwa bacabangela ukuthi lokho kulungile, ngoba bayilungu lenhlangano kuphela, ukuba bebezelwe ngokusha bebengeke bakwenze lokho.

¹²¹ Ngikholwa ukuthi kwakunguCalvin, qhabo, kwakunguJohn Smith, angiqinisekile manje, indoda, kodwa ngolunye usuku emsebenzini wakhe, omunye wabangcwele abakhulu bakudala beminyaka engamakhulu amabili noma amathathu edlule, ngiyakholwa ukuthi kwakungubani, ngikholwa ukuthi kwakuyiMethodisti, uJohn Smith, kwakungahle kube nguye, kodwa, nokho, babemi emnyango, futhi ezansi nomgwaqo kwafika odakiwe, futhi wawela emseleni. Futhi kwaba khona indoda eyadlula yathi, "John, nango omunye wabaphendukile bakho."

¹²² Wathi, "Yebo, kunjalo. Ukuba ubengoweNkosi, ubengebe lapho." Kunjalo. Ngakho yilokho-ke. Uma uphendulelw esivumweni sokholo, uma uphendulelw enhlanganweni, uma uphendulelw ebandleni, uzokwenza lezozinto, kodwa lapho uba ngophendukile kaKristu, uzalwa ngokusha, futhi ufile kulezozinto, futhi uyaphila. Kodwa abantu bayaqhubeuka ngqo nokucabangela ukuthi kulungile ukwenza lokho, belinga ngaphandle kwegunya.

¹²³ Abashumayeli, amadoda alungile, amadoda akahle, ashumayela imfundiso yehlelo becabangela ukuthi yilokho kuphela okudingekayo (Futhi lapho leliBhayibheli lithi, "Noma ubani oyokhipha iZwi eliodwa kuLo, noma enezele igama eliodwa kuLo, okufanayo kuyokhishwa eNcwadini yokuPhilia kuye."), ethi, "Awudingi uMoya oNgewelete namuhla, lokho kwakungokosuku oselwadlula." Ngani? Abakwazi ukufundisa noma yini ehlukile, uma benjalo, bayaxoshwa.

¹²⁴ Bathi, "Ayikho into okuthiwa ukuphulukisa, uMoya oNgewelete wanikezwa abaphostoli kuphela." Manje, bathola lokho ngoba bafundiswe lokho esikoleni sabo, becabangela ukuthi lokho kulungile, kodwa akulungile. Kuzodlula amazulu nomhlaba, kepha iZwi likaNkulunkulu ngeke. Futhi Wathi, "Wonke amazwi omuntu mawabe amanga, nawaMi abe yiQiniso," kodwa bacabangela ukuthi lokho kulungile.

¹²⁵ Uthi, "Awu, yilokho kuphela abakwaziyo." Uma wehlela endaweni othenga udlele kuyo okwedina lakho, futhi...

Ngiqagele kuseyidina lapha, phezulu lapho ngivela khona, enhla e-Indiana, bazama ukuthola iMelika yesimanje, bazama ukuthi, "Sidla isidlo sasekuseni, sibe nokudla kwasemini, nedinn'a." Ngahlala ngishiywa ngaphandle. Singenaphi isidlo sami sakusihlwa na? Niyabo? Niyabo? Ngithi, "Uyalidla *idina* leNkosi, noma *isidlo sakusihlwa* seNkosi?" Umbhedo. "Ukubeka injá," yilokho kuphela.

¹²⁶ "O, ungowakudala, ufundile," ecabangela ukuthi lokho kulungile, asikudingi lokho. Ukushumayela imfundiso yehlelo ucabangela ukuthi kulungile, futhi abantu bayahamba bajoyine leyonto, becabangela ukuthi lokho kulungile, yilokho kuphela okufanele bakwenze, ukucabangela njé, "Awu, ngiyilungu lebandla."

¹²⁷ Niyazi, ngolunye usuku ngangisemgqeni womkhuleko, futhi ngiza, futhi kwakukhona inenekazi lenyuka emsamo, kanti futhi, linelungelo lokwenza noma yini elifuna ukuyenza, ngiyacabanga, futhi lalinobucwebe bokuhloba okwanele ukusekela isithunywa senkolo izikhathi eziyishumi emhlabenjiikele. Futhi ngathi, "Ingabe u—ingabe ungumKristu na?"

Lathi, "NgingumMelika, akuxazululi lokho na?"

¹²⁸ Ngathi, "Hhayi kimi, akukwenzi." Ngathi, "Ngikubuzile ukuthi ubungumKristu yini," a-hha, hhayi ocela ulifti, qhabo, qhabo, kodwa umKristu ozelwe ngokusha. Wacabanga ngoba engumMelika lokho kwakuxazulula. Niyabo?

¹²⁹ UMfowethu Bosworth wayenomugqa womkhuleko ngale eDetroit ngesinye isikhathi, nentombazane yenyuka emsamo izokhulekelwa, wathi, "Ingabe ungumKristu na?"

Ngathi, yashaqeka, yathi, "Ngikunika ukuthi uqonde, ngishisa ikhandlela njalo ebusuku!" Ngokucabangela, yilokho kuphela okufanele bakwenze.

¹³⁰ Labo bangabantu abanezinhlizyo eziqotho, bangamadoda nabesifazane, futhi bona, ezinhliziyweni yabo ba—ba—bafuna ukukhonza uNkulunkulu. Lezo zindela zesilisa zingena ezindlini zezindela, abefundisi bayo emakholiji enkolo, bathola iziqu zesayense ephathelene nengqondo, nokuthi bakhothama kanjani phambi kwabantu, nokuthi babe kanjani, kanye nomthelela wesayense ephathelene nengqondo okunawo kubantu, becabangela ukuthi yilokho kuphela okumele bakwenze, ngisho nakwamanye amahlelo ethu amakhulu, iPentecostal, manje angikhulumi ngamaMethodisti, namaBaptisti, ngikhulumangePentecostal.

¹³¹ Lapha kungekudala baba nezinkinga ezithile. Omunye nomunye wazikhisha ngezinkinga ezincane, becabangela ukuthi yilokho obekufanele bakwenze; yilokho okwakungafanele bakwenze. Hlalani ndawonye, nonke, ningazikhishi izindaba zenu kanjalo, zingeniseni lapha futhi nikukhulekele. Uma ungaba nenkinga yakho futhi usamthanda umfowenu,

kulungile. Kodwa lapho ulahlekelwa inhloniphо nenhlanganyelo nomfowenu, inkinga yakho isikubulele. Kulungile.

¹³² Kodwa nakhu lapho okhona. Bacabangela ukuthi yilokho kuphela okufanele bakwenze, ngoba yilokho abakufundiswayo, bavele bahambe bajoyine ibandla. Bathi, “Ingabe ungumKristu na?”

“NgiyiMethodisti.”

“Ngabe ungumKristu na?”

“NgiyiPresbyterian.” Bese-ke bejoyina lokho.

Futhi manje uthi, “Ingabe uyikhola na?”

“NgiyiPentecost.”

¹³³ Manje, ake nginiqondisele lokho, ayikho into okuthiwa yinhlango yePentecostal. IPhentekoste yisehlakalo, hhayi inhlango, amaKatolika anaWo, amaBaptisti anaWo, amaPresbyterian anaWo, noma ubani angaba naWo. Uyisehlalako, hhayi... Awukwazi ukuWuhlela. Unenhlango yakho, ususukile ePentekoste khona-ke. Niyabo? Abakaze bahlele. UNkulunkulu akakaze abe nayo inhlango, akakaze nakanye.

¹³⁴ Ngikuphonsela inselelo ukuthi ungibonise, futhi ngiphonsela inselelo noma yimuphi usomlando ukuthi angitshele, futhi angibonise emlandweni lapho noma ngasiphi isikhathi uNkulunkulu athumela umlayezo, futhi bawuhlela; yafa khona lapho, futhi ayizange iphinde ivuke, yinto eqalekisiweyo. Ngakho-ke vele ubheke emuva emlandweni wakho futhi uthole ukuthi lokho kunjalo. Kodwa bakha izivumokholo zabo futhi basijoyine, abantu bacabanga ukuthi lokho kulungile.

¹³⁵ Sifazane, niyazi, ngiyanithanda, dadewethu, uyakwazi lokho, angimele ukukuzwisa ubuhlungu, ngiyakuthanda, kodwa ngizokwenzenjani Lapho ngaloloSuku, kuyilapho ngazi ukuthi iBhayibheli lifundisa ukuthi abesifazane mabenzeni na? Futhi khona-ke, ngiyazi ukuthi kuyiqiniso. Futhi khona-ke, uma umlindi ehlezi odongeni futhi ebona isitha phakathi kwabantu, futhi angabaxwayisi, uNkulunkulu wathi, “Ngizobiza igazi esandleni somlindi.”

¹³⁶ Lapho abelusi bekuvumela ukuba ugunde izinwele zakho, futhi athi lokho kulungile, lowomelusi ukutshela into ethile engalungile. Lapho ekuvumela ukuthi ugqoke izingubo ezingenasizotha, futhi akutshele ukuthi—ukuthi lokho kulungile, lokho akulungile. Futhi akunjalo...U—umuhle.

¹³⁷ Niyazi, yonke into phakathi lapho, emgqeni wowesifazane nowesilisa, njalo isilisa yisona esihle kunakho konke. Thatha iqhude nesikhukhukazi, thatha umndeni wenyon. Thatha inyamazane i-elki, inkunzi noma inkomo? Thatha inyamazane idiye, inkunzi noma inzikazi?

¹³⁸ Yonke into ihlala iyinhle kunayo yonke emgqeni wesilisa, ngaphandle kohlanga lwesintu, owesilisa mubi, uqatha, intshebe ebusweni bakhe, izikhathi eziningi unempandla futhi ubukeka emangelengele, izinwele kuyo yonke indawo kuye. Kodwa owesifazane uyathandeka, muhle; yilapho uSathane elele khona, khona lapho. Kulapho akhetha khona e-Edene, yilapho adlula khona e-Edene, yilokho akusebenzisa kusukela lapho. Futhi ngitshela noma yisiphi isizwe emlandweni, abanye benu zingane zesikole, ekuwени kwesizwe, kwathi nje ukuba ubumama bephuka nobufazane, lowo mgogodla walesosizwe wephuka.

¹³⁹ Khuluma ngokuziphatha ezweni lakithi, nginesiqephu ephepheni ku-Associated Press, ukuthi ngenkathi abafana bethu beya phesheya kwezilwandle, ukuthi abane kwabayisithupha balahlwu ngesehlukaniso umkabo owayehlala ekhaya, ngaphambi kokuba babelapho izinyanga eziyisithupha. Futhi kwakukhona izingane eziningi ezingamavezandlebe ezazalwa eSifundeni saseNew York phakathi, nonyaka owodwa ngaphambi kwempi, kunokuba kwakhona amasosha abulawa kuyo yonke iminyaka emine yempi; bacabangela ukuthi lokho kulungile.

¹⁴⁰ Abesifazane bagqoka izingubo ezincane, ezikhangayo ngokocansi, futhi baphumele emgwaqwani, bathi, "Yebo, ngingumKristu." Bacabangela ukuthi yileyonto okufanele bayenze. Manje, ngiyacela, Dadewethu, ngingumfowenu, ukuba umama wakho ubewuhlobo olulungile lowesifazane, ubeyokutshela okufanayo, noma uyihlo, noma umyen'i wakho.

¹⁴¹ Futhi noma iyiphi indoda, ezovumela umkayo aphumele emgwaqeni egqoke lezozikhindi nezinto ezinjalo, kukhombisa ukuthi *indoda* engakanani ekuye. Avumele umkakhe ahiale lapho futhi abheme usikilidi phambi kwakhe, futhi azi ukuthi leyonto... Bazoba yini abantwana bakhe na?

¹⁴² Ungakhathazeki ngobukhomanisi busibhaxabula, sesizibhaxabule thina ngokwethu, ukuziphatha kwethu uqobo okubolile. Kuqale kuphi na? Ngoba iVangeli lenzelwa phansi epulpiti, lapho kwaqala khona, abashumayeli abasazitabane, bengenakho okwanele ukubhaphathizwa kwangempela kukaMoya oNgcwele emiphefumulweni yabo ukuba bame futhi bakhulume iZwi likaNkulunkulu. Ungamthwansuli umntwana ngenxa yobuhlongandlebe bezingane, tshwansula abazali, wubuhlongandlebe babazali, babayeke bazedlulele ngakho.

¹⁴³ Futhi yingalesosizathu ngihhala lowo mfundisi wasesontweni lapho. Ungalifunda kanjani iBhayibheli elifanayo engilifundayo na? Kanjalo nalabo baprofethi abangamakhulu amane ezansi lapho kwa-Israyeli bafunda iBhayibheli elifanayo uMikaya alifundayo, kodwa wayezimisele, ngokungesabi, ukuthatha ukuma kwakhe.

¹⁴⁴ U-Amose, osukwini lwakhe, lowomprofethi kaNkulunkulu ongesabi, wenyukela lapho waya eSamariya, wabuka kulowomuzi, futhi wabona konke ukonakala okwakukuwo, futhi wathi, "Yena impela uNkulunkulu enizisho ukuthi niyamthanda uzonibhubhisa." Wakubona ukonakala kwavo.

¹⁴⁵ Babecabangela ukuthi babelungile, babenabapristi babo, amasinagoge abo, bacabanga, "Inqobo nje uma ngingumJuda, ngisokile, yilokho kuphela engidinga ukuba yikho." Babezisho ukuthi babekhonza uNkulunkulu. Futhi bona—bona... Benzeni na? Bathathe izimfashini zezizwe zangaphandle, bazenze umbimbi nazo, futhi bacabanga inqobo nje uma babethandwa izizwe zangaphandle, awu, yilokho kuphela ababefanele bakwenze. Benza umbimbi, bahhundula abesifazane babo, bahamba dabula umgwaqo, balingisa, nakho konke okunye.

¹⁴⁶ Nalowomprofethi omdala emi lapho, namehlo akhe efiphele entshebeni yakhe, izivakashi zamazwe zivela kuwo wonke umhlaba ukuzobona leliSamariya elikhulu, kodwa lowomprofethi ukubone ngeso elehlukile.

¹⁴⁷ Namuhla abantu nabefundisi babheka iBandla njengezinombolo nezinombolo, kodwa umKristu ozelwe ngokusha uLibheka ngeso elehlukile, uyaLibuka ngeZwi likaNkulunkulu, futhi ubiza ukonakala okuKulo. Yena impela uNkulunkulu abazisho ukuthi bayamkhonza uyokwehliselwa ukwaHlulela phezu kwabo. Isiprofetho sakhe, nje kuthathe iminyaka eyishumi nantathu ukuba sifezeke. UJerome owesibili, khona...niyazi ukuthi kwenzeka kanjani, Jerobowamu, njalo, ngikholwa ukuthi kwakunguye. Nakhu la ukhona, usujoyinile.

¹⁴⁸ Dadewethu, ngaphambi kokuba ngikushiye, wake waqaphela, ngenkathi ugqoka kanjalo futhi uphumela emgwaqeni...Ungahle ube yinenekazi elincane, ngikholwa ukuthi uyilo, s'thandwa. Kunjalo. Ngikholwa ukuthi uyinenekazi elincane, angikholwa ukuthi umubi, angikholwa ukuthi ufunu ukuba mubi. Angikholwa ukuthi i—indela eliyiKatolika lingena endlini yezindela ukuze libe libi. Lowo wesifazane ompofu ungena lapho ngoba ufunu ukusondela kuNkulunkulu, angikholwa ukuthi bafuna ukuba babi. Angikholwa ukuthi ungaba intombazane embi, angikholwa ukuthi ungaba ongenasizotha kumyeni wakho.

¹⁴⁹ Kodwa ingabe uyaqonda yini... Indela eliyiKatolika aliboni ukuthi inqubo elithumela phakathi lapho, futhi awuwuqondi umoya wosuku, okwenza wenze lezozinto, ucabangela ukuthi konke kulungile, kodwa akunjalo.

¹⁵⁰ Manje, bhekani, uJesu wathi, "Yilowo nalowo obuka owesifazane ukuba amkhanuke usephingile naye enhliziyweni yakhe." Manje, uphuma ugqoke kanjalo, ugqoke lezozikhindi, futhi ugqoke konke okukhangayo ngokocansi, nakho konke,

impela, umuhle, kodwa uNkulunkulu akakwenzanga kanjalo, uSathane wenza isicupho ngawe, futhi wena awukwazi.

¹⁵¹ Manje, ake indoda ikubuke, intombazanyana engumKristu yehla ngomgwaqo, into encane enhle, enomoya omuhle, engenacala, yonke igqoke ngokukhangangokocansi, nesoni siyibuka ukuba siyikhanuke, ngoSuku lokwaHlulela, lapho lendoda iphendula ngokuphinga, ubani onecala na? Nguye owesifazane. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Ngi—ngi... Kwangathi ngelinye ilanga uzothola ukuthi akumina ozama ukuba iqhalaqhala. Kungothando lukaNkulunkulu. Niyabo? Ngiyanithanda. Angifuni nibe njalo.

¹⁵² Ningafani njengalo lonke izwe. Nina besifazane bePentecostal, inhlango yenu yiyo ememele ngaphakathi, futhi bazenzele inhlango. Futhi bazama ukuqhathanisa ibandla labo nabagqoke kahle, abagqoke kahle, nabagqoke kahle kunabo bonke, lowo ngudeveli. Ungakukholwa lokho. Bacabangela ukuthi kulungile, kodwa akunjalo, uNkulunkulu wathi kungenziwa. “Qhubeka, kushumayele, ujoyine,” bacabanga ukuthi kulungile, ukucabangela nje.

Futhi uyazi, abantu bakushilo lokhu: “UNkulunkulu unguNkulunkulu omuhle.”

¹⁵³ “O, Mfowethu Branham,” othile wathi kimi, “uzama ukuhlala ngqo naleloZwi ngqo, elikushoyo nje. Awucabangi ukuthi akwenzi mehluko na?”

¹⁵⁴ Umfo wayefafazwe esikhathini esingeside esidlule. Futhi wathi... Ngambhaphathiza, ngakho enye indoda yangilandela ngakho, yathi, “Awu, wayevele ebhaphathiziwe.”

Ngathi, “Qhabo, ubengabphathiziwe, wafafazwa.” *Ukubhaphathiza, baptizo*, kusho ukuthi “mboza, ngcwaba.” Futhi ngathi, “Ngambhaphathiza.”

Futhi wathi, “Mfowethu Branham, ungodlangayo.”

Ngathi, “Mhlawumbe nginguye, kodwa kungenxa yesizathu esifanele.” Futhi ngathi, “Ngishisekela uNkulunkulu neZwi laKhe, ngishisekela ngeBandla laKhe.”

¹⁵⁵ Ngangingumlahlwa, akekho owayengithanda futhi enginakekela, ngenkathi nginitola nina bantu bePentecostal abangithandayo, futhi nabakholwa leliVangeli, ngiza phakathi kwenu kungesikho ukuba ngibe yisitha kini, kodwa ngibe ngumfowenu kini uku—uku—ukunibonisa iZwi likaNkulunkulu. Ake abanye babefundisi beze bame eduze kwami kanye, phambi kwenu, futhi bathi akulungile, yileyo kuphela indlela yokukufakazisa. Niyabo?

Manje, nakhu okwenzekile: Ngathi, “Ngambhaphathiza futhi.”

Wathi, “Mfowethu Branham, ucabanga ukuthi ngempela kwenza umehluko na?”

¹⁵⁶ Ngathi, “Kwenza ngoPawulu, wathi, ‘Namamukela uMoya oNgcwele selokhu nakholwayo na?’ Bathi, ‘Thina, hhayi noma Ukhona.’ Wathi, ‘Nabaphathizelwa kukuphi na?’ Bathi, ‘KuJohane.’ Wathi, ‘Lokho kwakuwukuba kuperhela, kukho ukuphenduka, hhayi ukuthethelela kwezono.’ Baphinde babaphathizwa futhi.

¹⁵⁷ “Futhi uPawulu wathi kwabaseGalathiya 1:8, ‘Uma iNgelosi evela eZulwini,’ ingasaphathwa eyomshumayeli, “uma iNgelosi evela eZulwini, iyoshumayela noma yiliphi elinye iVangeli kunaleli enginishumayeze lona, maybe ngeqalekisiweyo.” Kulungile. Manje, niyabo, awucabangeli. Kufanele wenze njalo... Kufanele kube yiQiniso, hlala nalo. Kodwa ukucabangela nje!

¹⁵⁸ Bona... Nizwa okuningi namuhla, ngiphinda ngiyasho futhi, ngoNkulunkulu enguNkulunkulu olungileyo. Kwakukhona umfana oyinjejane owasho kungekudala, wathi, “Uyazi, iNkosi ingithanda kakhulu nje, Ivelo ingivumele ngenze noma yini.” He!

¹⁵⁹ Bangane, UnguNkulunkulu omuhle, ngizokuvuma lokho, kodwa unguNkulunkulu wobulungiswa, unguNkulunkulu ofuna ubulungiswa. Angaba kanjani Olungile futhi—futhi angayihloniphi imithetho yaKhe uQobo na? Angayidelela kanjani imithetho yaKhe uQobo engcwele na? Uma Elungile, Ufanele abambelele kulokho Akushilo. Uma Ezokufuna lokhu kuwe, futhi awufiki kulelophuzu, uma Engalungile nje, khona-ke kungani Angamvumelanga u-Eva ukuba azedlulele ngalelophutha elilodwa elincane leZwi na?

¹⁶⁰ Kungani avumela iminyaka eyizinkulungwane eziyisithupha yokuhlupheka, ne—ne—nezingozi, nokufa, nosizi lushaya uhlanga lwesintu na? Akukho okunye Ayengakwenza ngaphandle kokuthi, Unobulingiswa, futhi UnguNkulunkulu wentukuthelo, noNkulunkulu wobulungiswa, nobungcwеле baKhe, khona...kube, kuMfanele abe yilokho, hhayi nelilodwa ichashaza, kusemgqeni ngqo, ufika kulokho, noma ungakuloluhlangothi noma lolohlangothi. Kungakhathaleki ukuthi ungaba muhle kangakanani, ungaba mnene kangakanani, uthule kangakanani, unomoya omuhle kangakanani.

¹⁶¹ Ubani ongaba mnene kakhudlwana, nangaphezulu, abakubiza ngothando, kuneChristian Science na? Lokho kuwukugoqa kwabo konke, uthando. Lolo akulona uthando lwangempela, baze baphike uJesu engonobuNkulunkulu, baphike ukufa, ukuzalwa, u—ukuzalwa yintombi, baphike iGazi laKhe, futhi bakhulume nje ngothando.

¹⁶² Ungangicabanga, nginomfanyana ngithi, “O, S’tandwa, qhubeka nje. Uma ufunu ukuphuza lobo tshwala, wena mfana omncane oneminyaka eyisithupha ubudala, qhubeka, uBabayi

ngeke akuvimbele, ngikuthanda kakhulu. O, S'thandwa, uma ufunu ukuthatha isibhamu sami ingebe esinamagobolondo amabili phakathi, nengcipho ihlehlide, qhubeka, ngikuthanda kakhulu ukuthi ngingakuvimba.” Lokho akusilo uthando.

¹⁶³ Ukube ubengaphandle emgwaqeni, wathi, “Babayi, ngifuna ukwenza ophaya bodaka phandle lapha,” lapho izimoto zihamba ngamamayela angamashumi ayisithupha ngehora zehla ngomgwaqo na?

¹⁶⁴ “Ngikuthanda kakhulu, S'thandwa, ukuba ngikuvimbe. Ufuna ukwenza lokho, ngiyakwazi. Ubabayi uyakuthanda kakhulu ukuthi angakuvimba, qhubekela phandle lapho ubulawe.” Ubabayi wangempela uzohlubula isikhumba kuye.

¹⁶⁵ Yilokho-ke okuyindaba namuhla, uzama ukushumayela iVangeli ugqoke amagilavu athambile, ucabangela ukuthi kulungile. Okudingwa yiBandla namhlanje, wukuvalwa. Buyela eVangelini. Ucabangela ukuthi kulungile, “NgiyiPentecostal, ngyi^lokhu, lokho, noma okunye. Kulungile lokho.” Akulungile, hhayi ngokweZwi. Ufanele uze eZwini.

¹⁶⁶ “UNkulunkulu omuhle kangaka.” Abacabangeli ukuthi unguNkulunkulu wobulungisa. UnguNkulunkulu ofanele agcine iZwi laKhe.

¹⁶⁷ Manje, u-Israyeli lapha wacabangela ukuthi babelungile. Manje, nginemizuzu eyishumi ukuthi ngiqede, ngiphume ngesikhathi. U-Israyeli lapha wacabangela, benyuka, iBhayibheli lathi benyuka, “Ngani,” bathi, “buka, singabantu bakaNkulunkulu. UNkulunkulu wehlela lapho eGibhithe, futhi wasithola, wathumela umprofethi waKhe ezansi lapho neNsika yoMlilo phezu kwakhe, wasehlisela laphaya, wabulala uFaro phambi kwethu, washaya izwe ngezinhlupho, amazeze, izintwala, wathumela umlilo nesichotho ezweni. Futhi Wasivikela. Udumo kuNkulunkulu! Haleluya!

¹⁶⁸ “Futhi senyukela lapha oLwandle Olubomvu, nakhu kufika uFaro, uNkulunkulu wavele wavula uLwandle oluBomvu ngamandla aKhe amakhulu, futhi sahamba sadabula uLwandle oluBomvu. UNkulunkulu wasithanda kakhulu Waphenduka, wathi, ‘Bhekani isitha senu nxazonke, ngiyakuziminzisa emva kwenu.’ Udumo kuNkulunkulu! Hhayi lokho kuphela, kodwa Wasondla ngokudla kweNgelosi, kwehla eZulwini njalo ebusuku.”

¹⁶⁹ Lowomprofethi wathi, neZwi likaNkulunkulu lalinomprofethi, wathi, “Ungakhuphukeli lapho. Futhi uma wenza kanjalo, uNkulunkulu ngeke abe nawe.” Hhe! Kodwa bacabangela ukuthi bayohamba noma kanjani, “UNKulunkulu muhle kakhulu, Uzokwenza, niyazi, ngeke asenze lutho. UNkulunkulu unathi, ngakho yini esiykhathalelayo na?”

¹⁷⁰ Pentecost, ungalinge ukufake lokho ekhanda lakho. Besifazane: “Ngingaphungula izinwele zami, ngingakwenza *lokhu*, ngingakwenza *lokho*.”

Madoda: “Ngingakwenza *lokhu*, ngingahamba *kanje*, inqobo nje uma ngingowakho . . .”

“UNkulunkulu wangiphulukisa ngesinye isikhathi.”

“UNkulunkulu ungiphe uMoya oNgcwele ngesinye isikhathi.”

“UNkulunkulu wenza *lokhu*, uNkulunkulu wenza *lokho*.” Lokho kulungile, kodwa ungeqi ngale kwalowo muggqa ohlukanisayo.

¹⁷¹ UMose wathi, “Uma ukhuphukela lapho, angihambi nawe. Futhi ama-Amaleki namaKhanani aphezulu lapho.” Futhi ngizonitshela ukuthi isono silele ngaphesheya kwemingcele yeZwi likaNkulunkulu, ukungakholwa nokuncanyana okukodwa kwaLo, uNkulunkulu uzonivumela ukuba nihlale lapho.

¹⁷² O, umsebenzi *onjalo*, into embi kakhulu! Ngiyabathanda abantu, kungani kumele ngenze lokhu na?

Joyina, uqhubeke nje njengabo bonke abanye, “Nje, inqobo nje uma ngingowebandla, kwenza mehluko muni na?” *Kuyawenza umehluko.*

¹⁷³ Umprefethi omdala watshela u-Israyeli into efanayo, wathi, “Ngake nganitshela noma yini eGameni leNkosi ngaphandle kwalokho okwenzekayo na?”

Bathi, “Qhabo, konke okushilo, Samuweli, konke kuyenzeka.”

Wathi, “Ngake ngaphuma futhi ngithathe iminikelo phakathi kwenu ukwakha izakhiwo ezinkulu, kanjalonjalo na?”

“Qhabo, awuzange ukwenze lokho, Samuweli.”

“Awu,” wathi, “khona-ke ngilaleleni, anifuni ukwenza njengazo zonke ezinye izizwe. UNkulunkulu uyiNkosi yenu.”

¹⁷⁴ Futhi ngithi namhlanje, Pentecost, ningazami ukwenza njengawo wonke amabandla, uNkulunkulu unguYihlo, iZwi liyindawo yenu yokuhlala. Sengake nganitshela okunye ngaphandle kwalokho okwenzekayo na? Sengake ngathatha imali yenu, futhi nganincenga ngezinhlelo ezinkulu, nazo zonke izinhlobo zezinto na? Ngitshele isikhathi esisodwa engake ngathatha umnikelo. Niyabo? Ngitshele into eyodwa eyake yashiwo eGameni leNkosi, ngaphandle kokufezekayo.

¹⁷⁵ Manje, lalelani, hlalani neZwi, ngokuba uMlayezo wosuku lokugcina ufanele, isithunywa noMlayezo kufanele kube ngokwesikhathi sokuphela, “Ukubuyisela ukukholwa kwabantwana kubuyele ekukholweni koyise.”

¹⁷⁶ Akashongo yini uJuda, laphaya, sebevele... Wathi, "Ulwele ngenkuthalo ukholo olwanikelwa kwaba kanye kwabangcwele na?" Iminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye nesithupha nje ababenayo, ngo A.D. 96 Ngikholwa ukuthi kwakunguye, base bevele bedelile kukho. Abangenanga futhi baqala, baba u—umcabango, bese kuba yimfundiso, bese-ke kuba udaba lwamaNikolawu na?

¹⁷⁷ Igama elithi *nikao* lisho "ukunqoba," "nqoba inenekazi," esikhundleni se... "ongafundele lutho nje." Esikhundleni sendlela nonke ebenenza ngayo phezulu lapha, yumela uMoya oNgcwele uhambe phakathi kwabantu, kukhona indoda eyodwa engcwele. Indoda engcwele na? Ayikho into enjalo. NguMoya oNgcwele eBandleni. *Nikao*: "nqoba ongafundele lutho." Futhi—futhi kuba yimfundiso.

¹⁷⁸ Yini into yokuqala abayenza na? Benza inhlangano. Phakathi lapho bafaka... O, futhi amakhulu amakhulu eminyaka kwakungukushushiswa kubo bonke ababengayikukukhothamela lokho, wadweshulwa, futhi washiswa, bahlushwa. Kwase-ke kufika uLuther, lesoSihlahla saqala ukukhula, futhi ngenkathi esenzile, wahela, uNKulunkulu wanquma igatsha, labuna futhi lafa. Njengoba uJesu ashо, Wasithena.

¹⁷⁹ Kuza kwenyuka uWesley, elinye igatsha liphuma kuSo. Benzani na? Bayahlela. UNkulunkulu wasithena wasinquma. Kuza uMlayezo wesithathu. Ncamashi nje indlela iBandla elaqala ngayo, lesoSihlahla soMlobokazi ekuqaleni, Saqala. Ubani oza kuqala na? UJohane, eshumayela ukulungisiswa, ukuphenduka. Ubani olandelayo na? UJesu Kristu, "Bangcwelise, Baba, ngeQiniso, iZwi laKho," okwakunguYe uqobo, "iqiniso," ukungcweliswa. Kwakuyini elandelayo na? Umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, "Ngithumela isithembiso sikaBaba phezu kwenu," neSihlahla soMlobokazi saqala ukukhula.

¹⁸⁰ Kodwa nakhu kufika inkumbi, idla *lokhu*; isibotho, sidla isithelo; ngokulandelayo, sidla amaqabunga; ngokulandelayo sidle amagxolo; bese kuthi-ke kufika inkasa, isilwane esincelayo, futhi samunca khona impela ukuPhila kuso, sase senza *umngobi* wongafundele lutho. UNkulunkulu wathi, "NgizoSibuyisela."

¹⁸¹ Nakhu Kwaqala ngezinsuku zikaLuther futhi kwahlelwa. UNkulunkulu wasithena, njengoba Athi Uyokwenza, uJohane 15. Kwenyuka uWesley, kuhle, waqala igatsha elihle. Benzani na? Bayahlela emva kokufa kukaWesley. Balinquma. Kwenyuka iPentecostal, liveza ngisho nezibonakaliso zesithelo. Benzeni na? Bakuhlela. Linqunyiwe. "Kodwa Ngizobuyisela, isho iNkosi." Izokwenza.

¹⁸² Yini inkinga ngalezizimvuselelo ezinkulu na? Manje, ake sibe nengqondo. Sibe nakho esikubize ngokuthi “imvuselelo,” kodwa yini esiyichamusela ngayo na? Amalungu. Kungani na? Kungani, bazalwane na? IBhayibheli lithi kumaHeberu 6, “Imvula ifika kaningi emhlabeni ukuze iwulungise, iwunisele, iwulungiselele lokho okuzoba yikho, isithelo. Kepha ameva namakhakhasi aseduze nokulahlwa azoshiswa.”

¹⁸³ Manje, ba—bayawabopha izinyanda ukuze bawashise, yiqiniso lelo. Aboshwa izinyanda, zonke lezizinhlangano, izinyanda ezinkulu ziza enyandeni eyodwa enkulu. Kunjalo. Iyini leyo nyanda na? Niyazi ukuthi iyini, uMkhandlu WamaBandla oMhlaba, ebumba umfanekiso wesilo, qiniso.

¹⁸⁴ Nani bantu abesaba ubukhomanisi, Ngifuna ningibonise indawo eyodwa eBhayibhelinis lapho ubukhomanisi buzobusa umhlaba. Awu, ngizokutshela ukuthi iBhayibheli lithi ubuRoma buzobusa umhlaba. Kunjalo impela. Ziphumelaphi izinyawo phakathi lapho na? Lowomprofethi, obone wonke umbuso wabeZizwe wehla ngqo, ekugcineni akubanga ubuKhomanisi, kwaba ubuRoma. Ncamashi.

¹⁸⁵ Silapha kulezizinsuku, abantu becabangela, bejoyina ngqo kuleyonto, bathi, “Kulungile lokho, yilokho-ke, impela. Ngingowebandla. O, yebo, ngingu *S'bani-bani*.” Niyabo?

¹⁸⁶ Manje, bukani, Wathi kuyobakhona ukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa. Lokho kungukuvuthiswa ikusihlwa...izithelo zingavuthwa kuphela ngokuKhanya, siyakwazi ukuthi, futhi esiqongweni sesihlahla, ukuKhanya kwakusihlwa. Konke okunye kwakho...Kodwa emuva le lapho, leloZwi likaNkulunkulu elamiselwa ngaphambili, Lahlala lapho ngaso sonke isikhathi ngoba uNkulunkulu waLikhulum. “NgizoLibuyisela.”

¹⁸⁷ Uzokwenza, akunandaba ukuthi zingaki izinhlangano nezinto Afanele azithene, kuzoba khona iBandla elingenabala nambimbi, “Ngokuba ngizobuyisela, isho iNkosi.” Kufanele, ini? Yonke iminyaka eyadliwa yinkumbi, yonke iminyaka eyadliwa yinkasa, yonke iminyaka lapho amahlelo nokuncelayo nezinto eziseSihlahleni zasusa isithelo saSo, kwasusa imivini yaSo, kwasusa amagxolo aSo, kwakhipha ukuPhila kuSo, kodwa, “Ngizobuyisela, ngenxa yeMpande neNzalo kaDavide...?... Ngizobuyisela, isho iNkosi.”

¹⁸⁸ Kuyini na? Washo njalo, WaLimisela ngaphambili, iZwi laKhe lilele lapha, ngakho-ke bukani, ngayo impela nje indlela Akwenza ngayo okokuqala, Wathatha uJohane, ukulungisiswa; UJesu wangcwelisa iBandla ngeGazi laKhe uQobo, kwase-ke kufika uMoya oNgcwele; kwase kufika iBandla, laqala ukukhula, uLuth-... .

¹⁸⁹ Khona-ke nakhu kufika lemihlwa emine, owodwa, isinambuzane esifanayo, ngezigaba ezahlukene nje, kufika i—

isibotho. Senzani na? Into yokuqala, sasusa isithelo, uthando lobuzalwane, lwasuka kuso. Into elandelayo eyafika kwaba yinkumbi, iyafika, esinye isibungu siyafika, futhi dsidla injabulo, amaqabunga, inhlanguyelo. Okulandelayo kuyeza. Yenzani na? Idla igxolo, inkumbi. Yini elandelayo efikayo na? Inkasa, futhi yamunca ukuphila kuSo ngqo, kodwa kwakukhonha iSiqu, ngoba uJoweli wathi, "Ngizobuyisela leyoMpande eyamiselwa ngaphambili." Haleluya!

¹⁹⁰ Nawo wonke lawomagama ayekhona ngaphambi kokusekelwa kwezwe amiselwa ngaphambili, "Konke lokho uBaba aNgiphe khona kuyakuza kiMi." Yebo, mnumzane. "Bonke Ayebazi ngaphambili Uyababiza, bonke Ababizayo Uyabalungisisa, futhi labo Abalungisisile, Ubakhazimulisile."

¹⁹¹ UPawulu, ngokwabase-Efesu 1:5, noma, abase-Efesu 1:5, Wathi, "UNkulunkulu wasimisela ngaphambili, ngaphambi kokusekelwa kwezwe, ekwenziweni kwamadodana kuJesu Kristu." UzoKumisa kanjani na? Bonke odeveli esihogweni, ningahle niyeke ukuqophisana ngaKho, Lizoba lapho lingenabala noma umbimbi. Lizoba Yini na? IBandla elinguMlobokazi. Haleluya! UNkulunkulu wathi, "Ngizobuyisela." Buyisela Ini na? Elingenayo inhlanguano ethintekayo kuLo, OneZwi elimsulwa elingaxutshiwe; Lizofanele lifike.

¹⁹² Kungani sithole isigejane samahlelo, ngalesisikhathi, kulemvuselelo na? Sahlwanyela imbewu yehlelo. Esikudingayo namuhla, mfowethu, ungasho ukuthi ufunani ngakho, sidinga iVangeli, elimsulwa, elingcwele, iZwi likaNkulunkulu elingangcolisiwe, elihlwanyelwe, ukuthi lapho lokhu kuKhanya kuphuma, Kuyoveza leloBandla, elimiselwe ngaphambili likaNkulunkulu. Amen. Ungacabangeli ngalutho, thatha iZwi likaNkulunkulu bese uqhubekela phambili ngqo. Wethembisa ukuthi Uyoba lapha, Ulapha. Amen. Kungcono ngiyeyeke.

¹⁹³ Kakhulu, "Nkulunkulu omuhle. Ungithanda kakhulu ukuthi angangijezisa." Wakuthembisa. Wamthanda u-Adamu, Wamthanda u-Eva, UluThando, kodwa Ulungile, Ufanele aligcine iZwi laKhe. Uma ukholwa ukuthi *Leli yiZwi* likaNkulunkulu, noma yini ephambene na*Leli*, "Noma yimuphi umuntu oyokhipha, noma enezele kukho, okufanayo kuyokhishwa, ingxenye yakhe yeNcwadi yokuPhila," umshumayeli, noma ihlelo, kumbe noma ngabe kuyini.

¹⁹⁴ Kuthiwani ngazo zonke lezizivumokholo nezinto ezenziwe phakathi kwabantu na? UNkulunkulu akasebenzane neze neqembu, Usebenzana nomuntu ngamunye. Amaqembu anemibono eyahlukene. Ngikhombise isikhathi esisodwa Ake wakwenza; Usebenzana nomuntu ngamunye. Esebenzana nawe, Usebenzana nami, Usebenzana nomuntu olandelayo. Kunjalo. Ludaba lomuntu ngamunye.

¹⁹⁵ U-Israyeli wacabangela ukuthi wayemuhle kakhulu, babebone izinto eziningi kakhulu kangangokuthi babengenza noma yini ababeyifuna, njengalowo mfana oseyinjejane. Linjalo ibandla namuhla, bazizwela, “Awu, uNkulunkulu wanginika uMoya oNgcwele, uma ngifuna ukwenza *lokhu* ngingakwenza. Haleluya! Akukho ukulahlwa kimi, ngikuKristu.” Lokho, khona lapho, kukhombisa ukuthi awukho lapho. Uma lokho kwakunjalo, wawukuKristu, ubuyobambelela eZwini laKhe kungakhathaleki ukuthi noma ubani uthini, uma ubungafanele ume wedwa ubuyoma ngakuLo, ngoba LinguMoya kaNkulunkulu kuwe uqinisekisa iZwi laKhe.

¹⁹⁶ Akukho nelilodwa iZwi laLo eliyoke lidlule Lize ligcwalseke, liyigugu kakhulu, futhi lingelithandekayo kakhulu. Kunjengokuthi, uNkulunkulu, akalahluleli ngebandla, Akahluleli izwe ngenhlangano, Wehlulela iBandla ngelaKhe, noma, wehlulela izwe ngeZwi laKhe, njengoba Enza ku-Eva no-Adamu. Indlela uNkulunkulu aqala ngayo, Angeke aqede ngenye indlela, Ufanele aqede ngendlela efanayo Aqala ngayo, uma Engazange, Wenza iphutha kwasekuqaleni. Niyabo?

¹⁹⁷ Ungocabangeli, kholwa. Ungalingi ngaphandle kwegunya, ngaphandle kwegunya elingokomBhalo. USamsoni wacabangela, “O, awu, he! O, ngiyazi ngikwenzile... Angikwazi... Angisenawo amagoda ami, kodwa ngicabangela ukuthi kulungile, ngsengumfo ofanayo omdala.”

¹⁹⁸ Qhabo, qhabo, Mfowethu, weqe umugqa ohlukanisayo. Wacabangela ukuthi wayenanamandla nje njengoba wayengaba nawo... Wathi, “Ngizovele ngizelule. O, whewu! Manje, ngiyindoda elungle nje njengoba ngangihlala nginjalo.” Kodwa wathola ukuthi amandla akhe ayengasekho.

¹⁹⁹ Yilokho esakwenza ngenkathi imvuselelo iqala cishe eminyakeni eyishumi nane edlule, IPentecostal yathola ukuthi yayingeke isakwazi ukuzelula, ngoba yayihlele ngamaqembu amancane, futhi izondana, yahlwanyela lokho kungezwani phakathi kwabazalwane, nemvuselelo yakushaya, nokuKhanya kwakusihlwa kuyangena, kodwa yenzani na? Akukho eyakwenza, ngoba ihlelekile. Ilahlekelwe amandla ayo, uthando lwayo lobuzalwane, izithelo zikaMoya.

²⁰⁰ USamsoni wacabanga, “Usekhona. Angikwazi...” Kungcono uzizwele. “Usekhona.”

U-Akani wacabanga, lapho ethatha lolocwezu, “O, ngeke kuqashelwe.”

²⁰¹ O, ukuthi lapho umshumayeli washo kimi, “O, Mfowethu Branham, ingabe kwenza noma yimuphi umehluko noma ngabe kungalendlela, noma *leyondlela na?*” Impela kuyawenza umehluko. Yilawo kanye amanga uSathane awatshela u-Eva. Kuyawenza umehluko.

²⁰² “Awu, inqobo nje uma abanye bekwenza!”

Angikhathali ukuthi ubani okwenzayo, noma ubani ongakwenzi.

“Ngifuna ukukwenza, noma kanjani!”

²⁰³ Angicabangeli ukuthi lokho kulungile ngoba nje abanye bayakwenza, uNkulunkulu udinga *lokhu*, futhi *yilokhu* okufanele ngibe nakho. Bonke abanye abezi, ngingakusho kuphela, ngiqhubeka nje, ngingacabangeli lutho ngaLo.

²⁰⁴ [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]...dinga amadoda amanangi namuhla njengomikaya, ongama futhi asho khona impela lokho uNkulunkulu akusho, ungancengi ndawo. Amen. Yebo.

²⁰⁵ Ubuthakathaka, u-Akani wathi, “Ngeke kuqashelwe, akwenzi mehluko.” Kodwa kwawenza umehluko, ukuthi lolocezu oluncane olulodwa lwaphazamisa lonke uhlelo lukaNkulunkulu.

²⁰⁶ “Vele ubhaphathizwe noma ngayiphi indlela, akwenzi mehluko. Nje, inqobo nje uma useyilunga lebandla, akulimazi.” Yilokho okuphazamisa imvuselelo, yileyo-ke indaba, sinesigejane samahlelo. Esikhundleni sokuba nabangcweli, sinabajoyini, abathatha izinqumo.

²⁰⁷ Lisizani itshe elingenamakhi wamatshe ukulisika, futhi alilolonge, awise amakhona alo na? Lapho ubona umqophi emile, esezenza netsho, akubukeki kangako kakhulu, kodwa emqondweni wakhe unalokho azama ukukwenza. Ngakho wagingqa itshe phezulu lapho ngenjongo futhi ufanele aliphuce, futhi alisike, futhi alilolonge.

²⁰⁸ Amatshe azisho ukuthi angamaKristu azophumela lapha futhi enze noma ngayiphi indlela, futhi ecabangela ukuthi *lokhu* kulungile, ecabangela ukuthi *lokho* kulungile! Bama benganyakazi, noMbazi, uMoya oNgcwele, ubasika babe yimfanekiso yamadodana namadodakazi kaNkulunkulu. O, udumo! Uyimbali yaseSharoni, uMnduze wesiGodi, iNkanyezi yokusa, u-Alfa, u-Omega, isiQalo nesiPhetho, Lowo owayekhona, okhona, nozayo, iMpande neNzalo kaDavide. Haleluya! Yebo.

²⁰⁹ Cabangela ukuthi kulungile, abaseGibhithe, babona u-Israyeli, esokiwe, ewela uLwandle oluFile, bacabangela ukuthi bangabantu abalungile njengoba babenjalo. Bahamba emva kwabo bacwila kulo, bacabangela ukuthi kwakulungile. Kufanele ngiphuthume.

²¹⁰ Ngesikhathi sikaNowa, bacabangela ukuthi uma kufika uzamcolo njengoba uNowa athi uyofika, awu, into kuphela ababengayenza, bagxumele emkhunjini wabo uqobo. Kodwa kwakukhona umkhumbi owodwa kuphela owawakhiwe uNkulunkulu.

²¹¹ Kunjalo ngabantu namuhla, bathi, “Ngingowebandla. Ngenza *lokhu*, ngenza *lokho*.” Kodwa-ke kukhona iQembu elilodwa kuperha elakhiwe nguNkulunkulu, futhi lelo akusikho ukwakhiwa kwehlelo, Lingukwakhiwa kweZwi, ekwambulweni kwamandla aKhe, isikebhe esakhwiwe nguNkulunkulu. Ungacabangeli, kholwa nje iZwi likaNkulunkulu.

²¹² UNowa wakha lowo mkhumbi ngohlobo *oluthile* lokhuni, ngifisa sengathi ngabe sinesikhathi sokungena kukho, kodwa asinaso, ukuthi waluthatha kanjani lolokhuni lomtholo. Nake nabona na? Lulula kunebhalsa. Ngani, uma noma ubani ubengabona indoda izama ukwakha umkhumbi ngalolohlobo lokhuni, bebeyothi iyahlanya. Ngani na? Ukhuni olulula kunazo zonke. Uyajikijela, uvele ujikijele ukhuni lomtholo laphaya emanzini, kungukuthi, *gxumbu*, *whewu*, luzike khona lapho. Yileyondlela uNkulunkulu enza ngayo, Uvele—vele aludonsele phezu kwabo, bahlezi lapho, futhi bengazi njengonogwaja. Ahlale lapho... Wathi...

²¹³ Kodwa benzani na? Abazami ukuba nanoma yikuphi ukuhlakanipha okungokwabo, abakwazi ukuLiqonda. Anifanele ukuLiqonda, nifanele ukuLikhola.

²¹⁴ Wathi, “Thatha ukhuni lomtholo.” Nje—nje—nje lulula, njengesipontshi. Kodwa manje, qaphelani, emva kokuba esebhubhise lonke lolokhuni lomtholo, lakiwe, njalo, Wathi, “Hamba futhi uthathe inomfi, futhi ulicwilise.” O! Babeyithola kanjani inomfi ngalezozinsuku na? Bathatha olunye uhlobo lwesihlahla, isihlahla seshoba, basishaye, futhi basishaye kuze kuhume inomfi kuso.

²¹⁵ Kufanekisani na? Imithi yokwenza amapulangwe uNkulunkulu anayo namuhla: Thululani zonke izinto zenu zobuhlanya, thululani zonke izinhlangano zenu, yiba lula ngempela futhi uvele ulale phambi kukaNkulunkulu. Khona-ke Washaya Omunye wethu, “Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, yachotshozwa ngobubi bethu.” Washaywa, futhi walinyazwa, futhi walinyazwa eKalvari, ukuze uMoya waKhe uthululekele kuwe lapho ungenalutho.

²¹⁶ Bese kuthi-ke, leso sikebhe, lowomkhumbi, ngenkathi lowo uhlezi phakathi lapho, ngisho nesipikili sasingenakubethelwa kuwo, yingakho izingodo ezinkulu eziwushayayo zingebehoboze imbobo kuwo. Ngani, um-oki, ishoba, noma lutho olunye, obekungabambelela kanjalo. Niyabo, kwase kuvele kucwilisiwe, wawupendwe ngenomfi ngaphandle nangaphakathi. Kunjalo.

²¹⁷ Ukanjalo umKristu, uyazithulula, “Angifuni ukwazi ukuthi noma ubani... Ngifuna ukwazi, Nkosi, ngifuna ukwazi Wena; Ngifuna Wena, intando yaKho, iMpilo yaKho.” Khona-ke uNkulunkulu nje... uvele ucwile kuKristu.

²¹⁸ Awu, manje-ke kwakuyini na? Empeleni bekungeke kusaba wukhuni lomtholo, bekuyoba yishoba. Akusewena, nguMoya

okuwe. Niyabo? O, he, owakhiwe nguNkulunkulu. Baningi kakhulu abaprofethi namhlanje, behkulumu izinto eziningi kakhulu ezechlukene, kwenza abantu badideke. Ungacabangeli, bheka nje isithembiso saKhe esiqinisekisiwe.

²¹⁹ Ake sibone, uDuteronomi 18:22, uNkulunkulu wathi, “Uma kukhona phakathi kwenu ongowomoya noma umprofethi, futhi akushoyo kufezeka, khona-ke muzweni, uma kungenzeki, khona-ke ningamuzwa.” NgokukaJohane 14:12, uJesu wathi, “Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza.” UMarku 16 wathi, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela, kholwa,” hhayi “bayojoyina ibandla, futhi bafake igama labo encwadini, futhi baphile impilo emnandi,” kodwa, “ngeGama laMi bayakukhipha amademoni, bakhulume ngezilimi ezintsha.” Qhabo, mnumzane.

²²⁰ UJohane akazange acabangele ukuthi uyophumela lapho. UJohane, niyazi, ngenkathi yena... Wayephuma olibweni lompristi. Akuxakile na? UJohane, kwakubukeka sengathi, empeleni wayezolandela uhlelo lukayise, ngoba wayephuma ebupristini obuqinile. Kodwa niyazi, umsebenzi wawumkhulu kakhulu, uJohane wayengafuni ukuxoveka kunoma iyiphi isayense yabo yezenkolo.

²²¹ UNkulunkulu wamkhipha ehlane, eyedwa, futhi wamfundisa phandle lapho, ngoba Wathi, “Johane, bayoba nazo zonke izinhlobo zezinto, futhi bekwenze ukholwe zonke izinhlobo zezinto ezingekho ngokombhalo, kodwa kuzoba lapha, Johane: Oyobona uMoya ehla futhi ehlala phezu kwakhe, NguYe ozobhaphathiza.”

²²² UJohane akazange adingeke ukuba athi, “Ngicabangela ukuthi yindoda elungile *lena*. Ngicabangela ukuthi yindoda elungile *leyo*. Ngicabangela ukuthi uzoza kini baFarisi, nina bakaMunye, nina bakaZiqu-zintathu, nina *lona*, Yilowo Azoza kuye.” UJohane wathi, “Engibona uMoya wehlela phezu kwakhe!” Udumo!

²²³ Mfowethu, hhayi inhlango yakho. “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza.” Awudingi ukukhathazeka, uzibuze, uNkulunkulu ushilo ukuthi yini okufanele uyibheke, izithelo zakusihlwa, ukuKhanya kwakusihlwa.

²²⁴ Wathi ngezinsuku zokugcina kuyoba njalo, udeveli uyothumela angenise izikhonzi zakhe, izingelosi zokukhanya, ezama ukukulethela into ethile entsha, into ethile ethandwa ngabantu kakhulu, into efunde kakhulu, ningakukholwa, yilokho akwenza u-Eva futhi wangena enkathazweni, hlala neZwi. Amen. Ungacabangeli, thatha iZwi likaNkulunkulu. U-Eva wacabangela ukuthi kwakulungile, “UNkulunkulu unguNkulunkulu olungle. Uyazi Ubengeke, *impela*, iNkosi ngeke yenze *lokhu*, noma yenze *lokho*.” Kodwa uNkulunkulu

wayekwethembisile, uNkulunkulu wayefanele akwenze, kwakungumsebenzi kaNkulunkulu ukukwenza. Manje, ungacabangeli, kholwa nje.

²²⁵ UJohane wathi, “NgangiMazi, ngoba ngibone isibonakaliso sikaMesiya kuYe, futhi ngiyazi ukuthi nguYe lo.” Akazange acabangele.

²²⁶ UNathanayeli kwakungadingeki acabangele, lutho nhlobo, ngenkathi Emtshela, wayazi—wayazi ukuthi uDuteronomi 18:22 wathini, ngakho ngenkathi Ethi, “Wena ungumIsrayeli ngempela, akukho nkohliso”:

Wathi, “Ungaze nini? Wake Wangibona nini?”

Wathi, “Ngaphambi kokuthi uFiliphu akubize.” Kwakungadingeki acabangele.

²²⁷ Wathi, “Rabi,” Mm! “Rabi, Mfundisi, nakuba izikole zihlekisa ngemfundiso yaKho, bayakuxosha ngenxa yeMfundiso yaKho, kepha Rabi, Wena uyiNdodana kaNkulunkulu; Wena uyiNkosi ka-Israyeli.” Akazange acabangele, wayenobufakazi bangokomBhalo ngakho, yilokho uMesiya ayezokwenza, akazange acabangele.

²²⁸ Lowo ompofu, omdadlana, ongcolile, onukayo, oyisifebe, mhlawumbe zonke izinhlangano ezweni mhlawumbe zazimxoshile, kodwa akabonanga lutho kubo kwasekuqaleni. Lapho ebona Into ethize yangempela, waKuthatha. Ngakho wabona umJuda ojwayelekile ehlezi laphaya, wacabanga, ebukeka njengendoda ejwayelekile, Wayengawuphendukezele ukhololo waKhe, umshuqulo omkhulukazi, uDkt. Mfundisi Fata oNgcwele, WayenguMuntu nje, egqoke njengabo bonke abantu. Ehlezi, encike emuva lapho, mhlawumbe empunga kancane, Wayeneminyaka engamashumi amathathu-nento kuphela ubudala, kodwa iBhayibheli lathi, niyazi, Wayebukeka enamashumi amahlanu. Benikwazi lokho na?

Bathi, “Wena uthi...Awuyena umuntu osevile eminyakeni engaphezu kwamashumi amahlanu ubudala, futhi uthi umbonile u-Abrahama na? Manje siyazi ukuthi unodeveli.”

Wathi, “Ngaphambi kokuba u-Abrahama abe khona, NGIKHONA.” Mm! Niyabo?

“Manje siyazi ukuthi unodeveli.” Niyabo, bayizimpumputhe.

Wathi, “Nina baFarisi abayizimpumputhe, impumputhe ihola impumputhe.” Niyabo? Yilokho kuphela.

²²⁹ Manje siyaMbona ehlezi lapho, lowo wesifazane omncane wathi kuYe, wathi, “Awu, niyafuna, nina majuda, nifuna ukuphikisana ngenkolo.” Kwakuwumkhuba wangalolosuku, njenganamuhla. “Nina majuda nithi kungalapha, naphansi lapha, nakho konke ukuthi-nokuthi, futhi sithi...”

Wathi, "Hamba, ulande indoda yakho, uze lapha."

Wathi, "Anginandoda."

Wathi, "Kunjalo. Ubunamahlanu; nale ohlala nayo manje akuyona eyakho."

²³⁰ Bukani, masinya, leyoMbewu eyamiselwa ngaphambili ilele lapho! Uduomo! He! Ini? Kwakungeke kube yinoma yini enye, leyoMbewu eyamiselwa ngaphambili. Futhi ngenkathi lawoManzi eqala ukuwela kuleyoMbewu, Yaqala ukuqhakaza. Bekungadingekile umtshele, wayazi. Wathi, "Mnumzane, ngiyabona ukuthi Wena ungumprofethi. Siyazi ukuthi uMesiya uyeza, siMbhekile, futhi lapho Efika, Uyositshela loluhlobo lwezinto."

Wathi, "NginguYe."

Wathi, "Lokho kunganele." Akukho ukucabangela.

²³¹ Akazange angene, athi, "Awusho, nina boDokotela bezobuNkulunkulu, ngithanda ukunithatha nonke engxoxweni engokomBhalo." Wathi, "Angicabangeli lutho. Wozani, nibone uMuntu ongitshela izinto engizenzile. Akuyena yini lo yena kanye uKristu na?" Yilokho kuphela. AkadingeKanga ukuba acabangele, alinge ngaphandle kwegunya, wayenegunya, wayenegunya langokomBhalo lokukukholwa.

"O, sifazane, awazi, awuyenya owesikole sethu, awusiyo owanoma iyiphi eyalezi zinhlangano."

²³² Wathi, "Angikhathali ukuthi uthini, ngiyazi ukuthi uyini u ISHO KANJE INKOSI. Bathi Uzoba ngumProfethi, futhi Nango." Amen. Wayenegunya elingokomBhalo, akazange acabangele.

"Lokhu kwavela kusiphi isikole na?"

"Kuvela eBhayibhelini." Kunjalo. O, impela.

²³³ Abafundi ePentekoste: Manje, nina bantu bePentecostal, gqokani iziqqoko zenu, ningamemeza ngalokhu, niyabo. Qaphelani, ukuba-ke abafundi bathi, "Awu, manje, lalela, ngiyakutshela..."

²³⁴ UMathewu uya ngale, wayesethi kuPetru, "Petru, ngifuna ukukubuza okuthize. INKosi yethu ayizange yini isitshela ukuthi silinde phezulu lapha, senyuke, futhi Yayizothumela isithembiso sikaBaba phezu kwethu na?"

"O, impela. Ya," UPetru wathi, "kunjalo. Ucabangani, Marku na?"

UMarku, "O, impela, Wakusho lokho. Ya. Wathi Wayezokwenza."

²³⁵ "Awu, bazalwane, sesibe phezulu lapha izinsuku eziyisishiyagalolunye. Niyazi, ngolunye usuku ngaba nomuzwa oxakile. Niyazi, ngithi nje ukukukholwa lokho, anicabangi ukuthi besingafanele silinde kade na? Ngicabangela ukuthi

sesivele sinaWo, ngoba Wasitshela ukuthi silinde lapha. Awu, lapha, ngiyakholwa, sesibe lapha izinsuku eziyisishiyagalolunye, ngakho ngicabanga ukuthi sesingavele siqhubeke nenkonzo yethu. Ngicabangela ukuthi sesivele sinaWo, ngoba siMlalelile.”

²³⁶ Kulapho nina maPentecostal enikugeje khona ngamamayela ayisigidi, nilandele umuzwa, esikhundleni sokulinda ukuba iZwi ligcwaliiseke. Kunjalo. Yingakho nihlelile. Yingakho nilalele labo... Ngabaholi njalo abakhiphaabantu entandweni kaNkulunkulu.

²³⁷ KwakunguKora. Hhayi... KwakunguKora, lowo mholi ongaphefumulelw, lowo owathi, “Bona... UMose uzama ukucabanga ukuthi uwukuphela komuntu ongcwele. Ngani, sinamadoda amanangi angcwele lapha, sinamaqembu phandle lapha! UNkulunkulu akawubekanga yini umoya wokuprefetha phezu kwabo bonke *laba* bantu na? Wawususa kuMose wawubeka lapha. Ngakho sizovele silalele *leliqembu*. UMose ucabanga ukuthi *uyinto ethile*.”

²³⁸ UNkulunkulu watshela uMose, “Zahlukanise naye, Ngizo—Ngizomcwilisa yena neqembu lakhe, yonke inhlangano yakhe.” Kulungile. UMose wayengumholi kaNkulunkulu. UMose waqinisekiswa ukuba yilowomholi, bonke abangamlalelanga babhubha. UJesu wayenguMholi kaNkulunkulu. UMoya oNgcwele unguMholi waKhe, futhi bonke abangawulaleli uMoya oNgcwele, Owabhala leliBhayibheli, bayobhubha. Amen.

²³⁹ Wathi, “Linda. Siyalinda nje.”

“Ngiyakholwa, ngiyanitshela manje, sinaWo. Asiphume nje.”

²⁴⁰ Qhabo, abakwenzanga lokho. Babazi ukuthi u-Isaya 28:11 wathi, “Isiyalezo kufanele sibe phezu kwesiyaZelo; umudwa phezu komudwa; lapha ingcosana, nalapho ingcosana. Bambelela kulokho okuhle. Ngokuba ngezindebe ezingingizayo nangezinye izilimi ngiyakukhuluma kulababantu. Futhi lokhu kuwukugcinwa kwesabatha, ukuphumula okubangela okhandlekile...” Bazi ukuthi umBhalo akumele usasetshenziswa, noma ukuthi balinda isikhathi esingakanani, noma abakwenzayo. Babengacabangeli lutho, babelindele ukuba umBhalo ugcwaliiseke.

²⁴¹ Babazi ukuthi uJoweli wathi... Lalela uPetru wagxumela khona lapho, emizuzwini embalwa kamuva... khona-ke ngalo kanye usuku olulandelayo washumayela ngoJoweli. UJoweli wathi, “Futhi kuyakufezeka,” UJoweli 2:28, “ngezinsuku zokugcina ukuthi ngiyothulula uMoya waMi phezu kwayo yonke inyama; amadodana enu namadodakazi enu ayakuprefetha. Naphezu kwezinceku nezincekukazi zaMi ngiyakuthulula uMoya waMi. Ngizoveza izibonakaliso ezulwini phezulu, nezimanga emhlabenzi ngaphansi, umlilo, nezinsika zomusi,

nenkungu. Kuyokwenzeka ngaphambi kokuba kufike usuku lweNkosi olukhulu nolwesabekayo. noma ubani oyakubiza iGama leNkosi uyakusindiswa.”

²⁴² Babelindile, babengacabangeli ukuthi babenanoma yini, babelindile waze wabonakaliswa umBhalo. Udumo! O, mfowethu, ngifisa sengathi ngabe bekungaleyithi kanje. Singathanda kanjani ukuhlala lapho isikhashanyana! Balinda igunya elingokomBhalo.

²⁴³ Namuhla, sithatha nje isivumokholo, imizwa, intuthu encane, noma umlilo, noma omunye umuzwa omncane, othile a thi, “Udumo kuNkulunkulu, sinaWo. Haleluya! Uyawabona amafutha esandleni sami na? Bheka phezulu *lapha*.” O, bakithi! Buka ikhanda lakho, hlobo luni lwesimo elikuso. Niyabo? Angikushongo lokho ukuze ngihlakaniphe, uxolo, ngithethetheleleni. Beningakuqondile, bekungafanele ngikusho lokho. Kukhona okusanda kusho kimi, “Ungakusho.” Kuyeke, “Uma impumputhe ihola impumputhe, ziyyowela emgodini.” Kulungile.

²⁴⁴ Ngaphandle kwegunya langokomBhalo, baLithatha ngesivumokholo, “Isho lesi sivumokholo.” Bacabangela ukuthi lokho kulungile. Bayaqhubeka, baWuthathe ngemizwa, “O, udumo kuNkulunkulu, ngikhulume ngezilimi ubusuku bonke.” Ngibabonile odeveli benza into efanayo. Niyabo? Impela.

²⁴⁵ “Awukholwa, khona-ke, ekukhulumeni ngezilimi na?” Impela, ngiyakukholwa; akukhona lokho. Ngiyisithunywa senkolo, ngibabonile bephuza igazi ogebhezini lwekhanda lomuntu, futhi bekhuluma ngezilimi, futhi bebiza udeveli. Impela, o, ya. Umama wami, sisanda kumngcwaba muva nje, wayengumNdiya ingxeny, Kade ngisezinkanjini, futhi ngabuka izinyanga bathakathi bekhuluma ngezilimi, futhi babeke ipensela phansi, liphakama futhi libhale ngezilimi ezingaziwa. Impela. Ungangitsheli ukuthi yikho. O, qha, qha. Umusa, bakithi!

²⁴⁶ Abanye babantu abakhuluma ngezilimi bazisho ukuthi banoMoya oNgcwele, futhi baphike ingxeny yeZwi laKhe, futhi ngezinye izikhathi onke amandla aKhe. UMoya oNgcwele uzofakaza ngeZwi laKhe. Angakutshela kanjani uMoya oNgcwele ukuba wenze okuthize, bese ephenduka, a thi, “Qhabo, kulungile, vele uqhubeke wenze lokhu *okunye*.” Ngeke akwenze. Akakwenzanga lokho, ngo-Eva, Akakwenzanga ekuqalen. Uma Ekwenzile manje futhi engakwenzanga lapho, khona-ke Akalungile, Wabangela konke lokhu kuhlupheka, ngenkathi nggabe kade silapha noma kanjani.

²⁴⁷ UNkulunkulu unguSonkontileka omkhulu, imizimba yethu yayendlalwe lapha, kodwa, ngenkathi umhlaba sewakhiwe, siyikhali siyamu, ipotashi, ipethroliyamu, ukukhanya kwekhoximikhi, izakhi ezelukene eziyishumi

nesithupha zomhlaba zikithi, futhi uNkulunkulu wenza umhlaba ngaphambi kokuba enze umuntu, UnguSonkontileka, Wakwendlala, Wayezobabiza baphume othulini lomhlaba, kodwa u-Eva akalikholwanga iZwi likaNkulunkulu, ichashazane elilodwa, futhi labangela abesifazane ukuba bazale abantwana.

²⁴⁸ Kodwa leloZwi likaNkulunkulu elamiselwa ngaphambili lendlalwe ngaleya lizoletha lowo owamiselwa ngaphambili, lapho Ekhulum, uyovela emhlabeni ekuvukeni. Haleluya! Akumangalisi uJobe: “Ngiyazi uMhleni wami uyaphila, izinsuku zokugcina Uzoma emhlabeni. Nakuba izibungu zesikhumba zibhubhisa lomzimba, Uzokhulum, futhi ngyiphendula, Uzobiza, futhi ngyoMphendula.” Impela. Amen. Mm! Ngingama kuphi na?

²⁴⁹ Uthi unoMoya oNgewelete, futhi wakhulum negezilimi futhi wakubuza, “Ngabe namamukela uMoya oNgewelete selokhu wakholwayo na? Awu, khona-ke, wabhaphathizwa kanjani na?”

“Akwenzi mehluko.”

“Kuyawenza.”

“Awu, ngenza *lokhu*. Akwenzi mehluko ukuthi ngigqoke ngalendlela noma *leyo*.”

“IBhayibheli lithi kuyawenza.”

“Akwenzi mehluko noma ngabe ngenza *lokhu*, noma *lokho*.”

“IBhayibheli lithi kuyawenza.” Nakho la ukhona. Kungcono ngikuyeke, makube abafundisi abasho lokho khona-ke. Kulungile.

²⁵⁰ Namuhla sikuthatha kancane nje, sicabangela, sithi sinaWo, “Ya, impela, ngikwenzile *lokhu*. Ngi—ngiqhaqhazele ubusuku bonke. Uyazi ukuthini? Nginegazi ezandleni zami, lokho kukhombisa ukuthi nginaWo.”

²⁵¹ Unegazi esandleni sakho na? Ungahle ubenakho lokho, bese-ke uphenduka, futhi uphike iZwi likaNkulunkulu. Futhi uthi unoMoya oNgewelete na? UMoya oNgewelete uzothi, “Amen,” kulo lonke amaZwi, ngoba Waloba iZwi, UyiZwi. Impela. Yeka ukucabangela, linda kuze kusuke konke lokho kuthukuthela, isono, nezinto kuwe, ukuze uNkulunkulu akugewalise.

²⁵² UMose, ngesinye isikhathi wacabangela, ngoba, ngaphandle kofakazi, noma, ngaphandle kwesehlakalo, wayezwile iZwi ukuthi wayezoba ngumkhululi, kodwa wayengenalo ubizo, wayengenaso isehlakalo, ngakho wacabangela ukuthi angaphuma ngqo futhi engamele.

²⁵³ Yilokho abantu abakucabangayo namuhla, “O, sizoba nemyuselelo, sifuna ukubona imvuselelo onyakeni wethu. Nonke nina nonke nivuma izono zenu, sifuna—sifuna amatshe engeziwe.

Sifuna *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*. Si—sifuna kuthathwe izinqumo.”

²⁵⁴ Kuyini na? Uzoba nemvuselelo kanjani kulokho, ngenkathi uhlwanyela imbewu yeBaptisti, iMethodisti, iPentecostal, nePresbyterian, futhi uphika iMbewu kaNkulunkulu, iZwi na? UJesu wathi iZwi liyiMbewu, iBhayibheli; iZwi likaNkulunkulu liyiMbewu. Uzoliveza kanjani iBandla leBhayibheli elinembewu yehlelo na?

²⁵⁵ Awu, wena uthi, “Makabongwe uNkulunkulu, Mfowethu Branham, uMoya oNgeweles wenze *lokhu*, ngimemezile ngadazuluka.” Benazi yini amanzi afanayo athunyelwa ukwenza ukolweni, enza u—kwenza ukhula olunukayo lujabule njengoba nje wenza ukolo na? Kwangena kanjani lapho na? Lwenza intandela, lwenza ukhula olunameva. Ngani na? Bomile, kusensimini lapho i... “Imvula iza phezu kwabalungile nabangalungile.”

²⁵⁶ Uthi, “Ngamemeza, Mfowethu Branham. Ngasina eMoyeni. ngakhulumu ngezilimi.” Ngiyakholelwa kulezozinto futhi. Kodwa kuthela luphi uhlubo lwesithelo na? “Niyakubazi ngezithelo zabo.” Isithelo sikaMoya yiZwi likaNkulunkulu eLizibonakalisa ngokwalo: uthando, intokozo, ukuthula, ukubekezelala, ukulunga, ukubekezelala, ukukholwa. Ukukholwa Yini na? IZwi. “Ukukholwa kuvela ngokuzwa, ukuzwa iZwi.” Kufanele kukwenze. Impela.

²⁵⁷ UMose wacabangela, “O, nginolwazi olugcwele, ngizokwenza.” Kodwa wayengenalo ubizo, wayengenaso isehlakalo. Impela. Waphuma ecabangela, ecabangela entweni ethile abengafanele ayenze. Kodwa emva kokuba esehlangane nesihlahla esivuthayo phezulu lapho ngelinye ilanga, o, mflowethu, ngenkathi ezwa iPhimbo likaNkulunkulu!

²⁵⁸ Wamnika isisekelo esingokomBhalo, hhayi lokho unina amtshela khona, kodwa lokho uNkulunkulu amtshela khona, “NGInguNkulunkulu ka-Abrahama, NGInguNkulunkulu ka-Isaka, noNkulunkulu kaJakobe,” wambiza ngegama lakhe lenkosana, wametha kabusha. “Ngikuzwile ukukhala kwabantu baMi, Ngibonile ukuhlupheka kwabo ngabacindezeli. Ngiyalikhumbula iZwi laMi elithenjisiwe.” Haleluya! Nakho la ukhona. Udumo!

²⁵⁹ Usakhumbula iZwi laKhe elithenjisiwe, “Ngiyobuyisela, isho iNkosi, konke lokho izimbungulu zehlelo, nezinyendle, nezibotho, nezinkumbi, nezinkasa ekudlile, zonke *izinkoleloze* zabo nezivumokholo nezinto abazidlile. Ngiyalikhumbula iZwi laMi, futhi ngehla phakathi kwabantu. ngiyakubuyisela, isho iNkosi.”

²⁶⁰ Ungacabangeli ukuthi kulungile, iBhayibheli liyakutshela ukuthi yini elungile nengalungile. Whewu! Kungcono sikuyeke, nginigcine ihora ngaphezulu. “Ngizobuyisela.” Ungacabangeli.

UMoya oNgcwele ulapha, iBhayibheli lilapha, uMoya oNgcwele ufakaza ngeZwi likaNkulunkulu, sonke isithembiso kanye nokunci, Ithi, "Amen," kuyo.

²⁶¹ Ungacabangeli ukuthi kulungile ngoba ube nomuzwa. Asithathe uhlu lokuqukethwe kwethu kulokhu ukusa, siqalaze futhi sibone esikukholwayo. Sibone uma thina, uma uNkulunkulu esho iNto *ethize*, uma besiyohambisana naYo. "Awu," wena uthi, "Ngiyokhishwa ebandleni lami uma ngenze *lokhu* noma ngenza *lokho*." Awu, yikuphi okukhulu kuwe na? UNkulunkulu wakho noma ibandla lakho na? Ungacabangeli ngaphandle kwesehlakalo.

²⁶² Omunye wathi kimi kungekudala, wathi, "Mfowethu Branham, awukholelwa esihlanzweni na?"

Ngathi, "Impela."

"O, ngiyabona ukuthi ungumKatolika."

Ngathi, "Ya." *Katolika* kusho "umhlaba jikelele." NgiyiPentecostal-Catholic enkulu yeBandla lokuqala.

²⁶³ Omunye wathi banesimemezelo manje, uPapa John XXII, noma, amashumi amabili-..., LII, noma *enye into*, wathi-wathi, "Bonke abantu babuyela eBandleni lokuqala. IBandla lokuqala liqala eRoma."

²⁶⁴ Amanga lawo. Udumo! IBandla alizange liqale eRoma. Ngizovumela indoda: IBandla malibuye lapho Laqala khona, ePhentekoste. Udumo! Buyela lapho oqale khona, lokho ngokukaNkulunkulu...?...ngokuba Uzolibuyisela.

²⁶⁵ Impela, amahlelo abuyela eRoma lapho avela khona, kodwa, haleluya, uNkulunkulu uzobuyisela iPhentekoste, ibuyele ekukholweni ko-kobaba. Haleluya!

NgoMdumisa, ngoMdumisa,
Dumisani iWundlu ngokuhlatshelwa izoni;
Mnikeni udumo, nonke nina bantu,
Ngokuba iGazi laKhe ligezile lasusa ibala
ngalinye. (Ibala ngalinye lokungakholwa.)

²⁶⁶ "Sihlezi ndawoye ezindaweni zaseZulwini." UMoya oNgcwele, ngomuntu ongeke akulimaze ngeze... Ngingablimaza kanjani abantwana bakaNkulunkulu na? Kodwa zidedele ubone iZwi liphuma, LinguMsoki, lihlabu enhliziywensi, lazi ncamashi ukuthi ucabanga ngani, futhi likukhiqiza kabusha kudlule ngqo ngemithambo efanayo. Amen.

NgoMdumisa, ngoMdumisa,
Dumisani iWundlu ngokuhlatshelwa
abangakholwa;
Mnikeni udumo, nonke nina bantu,
Ngokuba iGazi laKhe ligeze onke amabala.

²⁶⁷ Anikuthandi lokho na? Nicabanga ukuthi ngiyanithanda na? Impela ngiyanithanda. Niyifa likaNkulunkulu. Ngike ngacabanga njalo njalo, “Bengiyokwenzenjani ukuba benginamaconsi amabili eGazi likaJesu langempela engilazini, ngiyibambile, iGazi elaphuma e, mithanjeni yaKhe, elivela esiphambanweni, futhi nganginalo. Bengiyolibamba kanjani enhliziyweni yami, futhi ngihambe, ngibuke zonke izinyathelo...?...ngazisa leloGazi, amaconsi amabili nje eGazi langempela, bengiyolibamba kanjani!”

²⁶⁸ Kodwa niyazi ukuthini? NgokukaNkulunkulu, nginakho ngaphansi kokubamba kwami kulokhu—lokhu ukusa, emehlwani aKhe, okukhulu kunalokho: nginokuthengwa kweGazi laKhe. Yilokho Achitha iGazi laKhe ngakho, ukukuthenga. Kufanele ngikuphathe kanjani na? Ngingasibona isono siqala ukugaqa singene futhi—futhi sikonakalise na? O, qhabo, qhabo, angikwazi ukukwenza, ngifanele ngizixoshe lezozinto, ngizinqume. YiLeli, hlala neZwi, mfowethu. NiyaMthanda na?

²⁶⁹ Ngiyabonga ngokuhlala nami, nisiza. Seligamenxele eleshumi nambili, futhi ngiyaxolisa ngi...Qha, anginjalo. UNkulunkulu angithethelele, akulungile ukusho lokho. Beningahlanganise lutho nakho, Ukwenze Yena uqobo. Futhi ngi—futhi ngi—ngiyanithanda nje, ngiyakholelwa kini.

²⁷⁰ Ngikholwa ukuthi uNkulunkulu uzoba neBandla, futhi ngikholwa ukuthi niyingxenye yaleloBandla. Futhi nginithanda ngothando lukaNkulunkulu. Futhi ngikhulekela ukuthi uMoya oNgcwele uzovumela leloZwi lihunyushwe ngoMoya ebeliWuhloselwe, njengoba liphuma kini.

²⁷¹ Manje, nginikela kini umelusi wenu—wenu. Manje, uma ukwazi, buya kulobubusuku, futhi ube nathi futhi, kulobubusuku. Yiba sembhaphathizweni namhlanje ntambama ngale endlini yoMfowethu.

²⁷² Woza lapha, Mfowethu Parker. Uxolo ngokubiza igama lakho, kodwa bathi, “UPetru, uJakobe, uJohane,” nokunye nokunye.

UNkulunkulu akubusise, Mfowethu Parker.



UKUCABANGELA ZUL62-0610M
(Presuming)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto ekuseni, ngoJuni 10, 1962, e-Aberdeen High School e-Aberdeen, eNorth Carolina, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2023 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziiselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org